# AMANDLA KANKULUNKULU OKUGUQULA ISIMO

[UMfowethu Branham wethulwa nguMfowethu Carl Williams—Umhl.] Ngiyabonga, mfowethu. [“Impela kuba yinhlanhla ukuba noMfowethu Branham ukuba eze kaningi kakhulu ePhoenix. Ngicabanga ukuthi uza ePhoenix ukwedlula noma yikuphi. Futhi simfuna ukuba elokhu eza, inqobo nje uma ngingapha, empeleni. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Branham.”] Ngiyabonga, ngiyabonga, Mfowethu Williams.

Sanibona ekuseni, bangani. Ngi. . .Lokhu komndeni wakwaShakarian, uMfowethu Williams noDadewethu Williams nabaningi babo lapha bayazi ngakho. Ngakubona lokho embonweni, cishe iminyaka emibili kuya kwemithathu ngaphambi kokuba agule, futhi kwenzeka.

2 Futhi ngonyaka odlule ngenkathi silapha, ngiyakholwa kwakungoJanuwari, engqungqutheleni, kwakuyisikhathi ukuthi lowo mpristi (ubani igama lakhe na? Ngiyalikhohlwa igama lakhe manje) wayelapha. [Omunye uthi, “Stanley.”—Umhl.] UStanley, uMbhishobhi Stanley, ovela ebandleni eliKatolika. Niyakhumbula ngenkathi engilethela iBhayibheli, niyazi, futhi washo kimi.

Kwakungukuprofetha okuningana, “Ndodakazi yami, uphilisiwe.”

3 Futhi wayazi ukuthi umbono wawushilo ukuthi akayikusinda. “Wayezofa phakathi kwelesibili noma elisithathu nqo ekuseni.” Niyakukhumbula lokho na? [Omunye uthi, “Yebo.”—Umhl.] Ngakho, elesibili noma elesithathu nqo.

4 Futhi ngangingemtshele uDemos. Futhi nokho ngamtshela umama wakhe ongamzali, ngale ekamelweni ngqo, ngapheseya kwendawo lapha ngqo. Ngathi, “Akazukusinda.”

UNkk. Shakarian wathi, “Awu, wonke umuntu uyaprofetha.”

5 Ngathi, “Kusobala, ngangingaba nephutha, qobo lwami, kodwa ngakusho. Akazukusinda.”

6 Ngatshela abaningi babo, cishe eminyakeni emithathu edlule, “Ngambona egijimela impilo yakhe, futhi waya embhedeni. Futhi waphakamisa izandla zakhe futhi wangimemeza, kanjalo. Futhi nga—ngangingeke ngifinyelele ngisho nakuye. Futhi-ke ngimbonile efa. Futhi ngabheka, futhi kwakukhona into ethize, kwakukhona iwashi lasodongeni, futhi kwathi kuphakathi kwelesibili nelesithathu nqo.”

7 Futhi ngakho umbhishobhi wathi, "Awu, ngizobheka nje futhi ngibone ukuthi kufezeka kanjani lokho." Ngakho, kwafezeka.

8 Siyadabuka ngempela. Ngizwa ukuthi ibandla lilahlekelwe umuntu omkhulu, kuDadewethu Florence Shakarian. Kodwa, ubengumculi omkhulu, ube ngowesifazane ogcwaliswe ngoMoya.

9 Nganginomama wakhe; umama wakhe wayengomunye wabokuqala ukuxhumana nabo engaba nakho oGwini-Ntshonalanga, ngenkathi umama wakhe ephiliswa. Ngenkathi odokotela . . . Wayequlekile, futhi evuvuke konke. Futhi ngakho u—udokotela owayelapho wangitshela, wathi, "Manje thula ngempela uma ukhuleka. Ungenzi umsindo omningi. Owesifazane uyafa."

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

10 Futhi wathi, khona-ke, eqhubeka elokhu nje engitshela. Futhi, awu, ngangingenalo ngisho ithuba lokuvula umlomo wami, kanjalo.

11 Ngakho, kwakunguMfowethu Demos owangitshela ukuba ngiqhubeke futhi ngenyuke futhi ngimbone.

12 Ngakho, ngenyukela esitezi. Futhi uFlorence wayeguqe phansi, ngaleyonkathi intombazanyana enhle, nabaningi abanye besifazane. Futhi ngaya ngale futhi ngamkhulekela, futhi ngakusho. Futhi wayequlekile. Futhi ngamtshela ukuthi uzovuka futhi. Futhi wavuka. Eminyakeni ethi ayibe mibili kamuva, wafa. Futhi manje uNkulunkulu uyayiphendula imikhuleko yethu.

13 Futhi siyakwazi lokho, siyakholwa ukuthi sonke sifike lapha ngentando kaNkulunkulu, futhi sishiya ngendlela efanayo. Ngamunye ngamunye, sonke ngamunye sizowela lelo sango. Futhi yingakho silapha kulokhu ukusa, sibuthene ndawonye kuleNhlanganyelo yoSoMabhizinisi bamaKristu, ngukukhuluma ngalezizinto, futhi sizilungiselele, ngoba siyazi impela zifanele zifike.

14 Manje uDadewethu Florence ungowesifazane osemusha, iminyaka engamashumi amane-nambili ubudala, uMfowethu Williams ungitshelile nje, futhi omusha impela. Kodwa ngaphambili ba, wayazi ukuthi wayenalesisifo, ngani, ngabona umbono wakhe futhi wangitshela umphumela wakhe. Khona-ke, bekuyoba njalo. UNkulunkulu wazi konke ngakho, futhi yena ebona uJesu ekamelweni ngaphambi kokuba ahambe. Asifuni nje ukumkhulekela, ngoba sikwenzile lokho kakhulu impela. Sifuna nje ukumbonga uNkulunkulu ngempilo ebiphakathi kwethu, esifake ugqozi sonke, njengoDadewethu Shakarian.

15 Futhi sifuna ukukhulekela uMfowethu Demos, uDadewethu Rose. Futhi khumbulani, babenokushayeka okwesabisa kanzima

kakhulu empilweni yabo, ekugcineni . . . ngubaba wakhe, nodadewabo manje kweyakhe . . . iminyaka yokugcina. [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Kodwa, futhi, ya, ngaphansi kwe, ngaphansi, izinyanga eziyishumi; nodadewethu, uDadewethu Edna, futhi.

16 Ngakho, ngiyazi ukuthi ngizwelane kanjani noMfowethu Demos. Ngibe nobaba, umfowethu, unkosikazi, nengane, ukuhamba nje ngokwehlukana phakathi kwezinsuku ezimbalwa, ngakho ngi—ngiyazi ukuthi uzwa kanjani kulokhu ukusa. Wazi kuphela uma umi kulezozicathulo, kungaleyonkathi owazi ngayo ukuthi kuzwelwana kanjani. Futhi . . .

17 [Umshini weamplifaya uyanswinininiza—Umhl.] Kwenziwe yimina uqobo lokho. Ngiyaxolisa. Ngishaye insinjana ewusizo phansi lapha ndawo ndawo, ngesandla sami. Ngakho ngi—ngiyaxolisa ngikukhalise kakhulu, futhi ngingaqondile.

18 Ngakho asime manje sisa . . . uma ningakwazi, uma ku . . . Asikhothamise ikhanda lethu.

19 Baba waseZulwini, sihlangene lapha kulokhu ukusa ukukhonza Wena, nokuKubonga nokudumisa, ngokuthumela uJesu uMhlengi wethu, ukuthi sinethemba emva kokuba lempilo isidlulile, sibona ukuthi akuqondakali kakhulu ukuthi siphila lapha sonke isikhathi. Futhi, Baba, ukubona izimo ezilusizi lemizimba engangena kuzo, siyajabula asidingekile ukuhlala lapha sonke isikhathi. Wena wenze indlela yokuphunyuka, ezansi kudabula esigodini sokufa.

20 Futhi, Baba, siyaKuthokozela kulokhu ukusa, ngempilo yalowo owama nathi, ngaphansi konyaka odlule, ecula izindumiso zaKho; uDadewethu Florence Shakarian, njengoba besimazi. Futhi Usitshelile kudala ngaphambili, ngisho iminyaka, ukuthi lokhu kwakuzokwenzeka, ukuthi ngeke kube ukwethusa okukhulu kakhulu kithi. Futhi siyazi Okushoyo kuqinisile. Futhi-ke iZwi laKho lithi, "Umuntu ozelwe ngowesifazane, ugcwele izinsuku ezimbalwa futhi zigcwele izinkathazo." Siyazi ukuthi lokho kuqinisile, futhi, Nkosi. Siyazi sonke sifanele sifike ezansi sidabule leso sigodi. Ngakho siyaKubonga ngempilo yakhe ebikhona lapha emhlabeni. Futhi sikholwa ngokukholwa, ukuthi manje, kulokhu ukusa, wedlulile kulendlu yezifo elusizi, wangena emzimbeni wenkazimulo ongeke neze ugule. Namathelente akhe okucula, nephimbo abenalo, nomoya wakhe usemseni kakhulu kakhulu noKristu! Ukuthi ubengabuya kulokhu ukusa, ubengekwenze nhlobo; ubeyophinde edlule kukho konke lokhu futhi. Okungukuthi, manje sekwedlule, usenomama wakhe nobabayi wakhe. Babizele ingane yabo ekhaya. Ngakho, si—siyaKubonga.

21 Sifuna futhi ukukhulekela induduzo, ngoMfowethu Shakarian, owethu umfowethu othandekayo kakhulu, sazi i—impilo ayiphilile, neminjunju adlula kuyo kulezizinsuku

zokugcina, nokuthi unjani; simbona eguga, nezinwele zakhe zihoshuluka, namahlombe akhe eqhotha, futhi nokho ezama ukuhlala ensimini enzela uNkulunkulu. Nkulunkulu, muphe ukuqina namhlanje. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokupha. Kubo bonke labo abashonelwe ngokuhamba kwakhe, sikhulekela ngamunye.

22 Futhi masithi, Nkosi, njengoba sicabanga ngalokhu, sikhumbule ukuthi nathi sifanele sihambe ngelinye ilanga. Sisahlezi ndawonye lapha eBukhoneni beNkosi uJesu, sizocela ukuthi Uzoletha lokhu kufreshi enkumbulweni yethu. Futhi masihlole, njengoba kwakunjalo, noma sithathe uhlu lokuqukethwe kwezimpilo zethu uqobo, ukuthi sibe ngaphansi kweGazi nasekuKholweni. Siphe khona, Nkosi.

23 Manje njengoba ngizama phansi kwelezizimo ukuletha umlayezo omncane kubantu, namhlanje, ngiyakhuleka ukuthi Uzongisiza, Nkosi. Ngiqinise, ngokuba ngi—ngi—ngiyakudinga, Nkosi. Futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzosipha khona. Futhi kwangathi kungashiwo into ethize ezoKuhlonipha nje. Futhi uma kungaba khona noma ubani ngaphansi komsindo wephimbo lethu kulokhu ukusa, ongakulungele ukuhlangana nehora elibahlalele, kwangathi lesi kungaba yisikhathi ukuthi uma bezozinikela kuYe Owathi, "NgiyiNdlela, ukuPhila, iQiniso," ngisho iNkosi yethu uJesu Kristu. Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen. (Ningahlala phansi.)

24 [Omunye emsamo ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Umfowethu lapha ufuna ukwazi ukuthi ngabe wonke umuntu uzwa kahle yini. Unamamayikhi amabili asebenzayo. Kulungile na? Ningezwa na? Phakamisani izandla zenu uma nizwa. Ningezwa na? Phakamisani izandla zenu. Kulungile.

25 Ngiyaxolisa ukuthi asinayo indlu yokuhlala yawo wonke umuntu kulokhu ukusa. Futhi siyethemba ukuthi angizukuhlala phezulu lapha isikhathi eside kakhulu, okwenele nje mhlawumbe ukusilethela mhlawumbe ukufunda iZwi; ukuthi iNkosi uNkulunkulu uzolihlonipha iZwi laKhe elifundwayo, futhi uzosinika umusa waKhe, ukuze siMkhonze ngawo.

26 Manje ngitshelwe uBilly Paul, kulokhu ukusa, ukuthi kungahle kwenzeke ukuthi siyakhuluma ngeSonto elizayo eGrantway Assembly of God, eTucson. Uma ekhona lapha ovela eTucson, ngingahle ngingakutholi ukunibona kuleliviki. Ngizoba seGrantway Assembly of God, ngeSonto elizayo.

27 Ngakho manje sisanda kubuya nje sivela enhla eMpumalanga, futhi ngithe ukuzinciphisa kancane, ngokudla ngokweqile, ngokuba nomusa ngokweqile kwabantu ezansi ezintabeni. Futhi—futhi ngagula, ngakho angizizwanga kahle kuleliviki. Ngakho, ngikhulekeleni. Futhi . . .

28 [Omunye uthi, "Inyamazane eningi kakhulu ioposamu."—Umhl.] Uthini? ["Inyamazane eningi ioposamu."]

UMfowethu Carl Williams ngokuba namancoko kwakhe, futhi ngicabanga ukuthi siyidinga khona manje, uthe, "Inyamazane eningi kakhulu ioposamu." Angazi ngalokho, Mfowethu Carl, kodwa yonke inqwaba yezingwejeje. [UMfowethu Branham uyahleka.]

29 Ngakho ufuna ukukhulekela othize kulokhu ukusa, ngani, ngi—ngikuthokozela ngempela uma bekungaba ngomunye womkhuleko wenu ngami, ngoba ngi—ngiyawudinga.

Manje sifuna ukushesha singene eZwini.

30 Futhi angifuni ukunihlalisa lapha isikhathi eside kakhulu, ngoba ngikholwa ukuthi kunokuxhumana ngothelefoni isizwe sonke, kulokhu kulokhu ukusa, kuhamba indlela yonke ukusuka oGwini-Ntshonalanga kuya oGwini-Mpumalanga, kusuka eNyakatho neNingizimu. Eminingi, eminingi imibuthano inalokhu ukuhlaliswa njengoba nonke nibe nakho lapha etabernakele. Kuxhunyiwe futhi ePhoenix, ukuthi ndawo zonke lapho okukhona izinkonzo, kufika ngqo e...Futhi babuthana emabandleni nasemakhaya, nezinto ezinjalo, ngegagasi elikahle kakhulu. Bathi kungcono ngisho kunokusakaza. Ukuxhumana ngothelefoni, babeka okokulalela kocingo kwimayikrofoni, kumbe noma ngabe kuyini, endlini. Futhi ba...Unkosikazi wami washo, evela eIndiana ngeviki eledlule, ezansi ukuya eTucson, kwakufana nje njengokuma ngqo endlini. Ngakho siyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzobusisa bonke labo phandle kulayini kulokhu ukusa, noma ngabe bakuphi. Enhla eNew York manje kuzoba, o, ntambama, nezikhathi ezehlukene njengoba kunqamula isizwe.

31 Manje ngale eNcwadini kwabaseRoma, isahluko 12, namavesi 1 ne 2, sifisa—fisa ukufunda loMbhalo.

> *Ngakho ngiyanincenga, bazalwane, ngobubele bukaNkulunkulu, ukuba ninikele imizimba yenu ibe-ngumnikelo ophilileyo, ongcwele, nothandeka kuNkulunkulu, kube-ngukukhonza kwenu kokuqonda.*
>
> *Ningalingisi lelizwe: kodwa niguqulwe isimo ngokwenziwa ibentsha ingqondo yenu, ukuze nibe-nokuhlolisisa okuyintando kaNkulunkulu okuhle, no* kupheleleyo...okuhle, *nokuthandekayo, nokupheleleyo.*

32 Manje, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukuthatha indaba yami okwalokhu ukusa, ekutheni: *AMandla kaNkulunkulu OkuGuqula isimo.*

> Ukuze ninga*lingisi lelizwe: kodwa niguqulwe isimo ngokwenziwa ibentsha ingqondo yenu,* manje, futhi *hlolisise* lokho *okuhle,* okuphelele, nokuthandekayo, *intando kaNkulunkulu.*

33 Yindikimba ejwayelekile endala abaningi babelusi benu uyisebenzisile ezansi kwedlule esikhathini senu. Isetshenzisiwe selokhu Yalotshwa. Kodwa nokho, into eyodwa ngeZwi likaNkulunkulu, Aligugi neze, ngoba LinguNkulunkulu. Aligugi neze. Kusosonke isizukulwane manje, ngokusondele impela, cishe iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nesishiyagalombili, noma kungaphezulu, leliZwi likaNkulunkulu lifundwe ngabantu, abapristi, kanjalonjalo, futhi aLigugi neze. Kade ngiLifunda, mina qobo, iminyaka engamashumi amathathu-nanhlanu. Futhi sonke isikhathi engiLifunda ngaso, ngithola into ethize entsha engingayinakanga esikhathini sokuqala. Ngoba, Liphefumulelwe, LinguNkulunkulu esimweni sencwadi iletha. Niyabo, Liyizingxenye zikaNkulunkulu ezingahlukaniseki zikhuluma ngaphambili, futhi libekwa ephepheni.

34 Izikhathi eziningi, umuntu wathi, "Awu, manje, umuntu waloba leliBhayibheli." Qhabo. IBhayibheli liyasho, Lona uqobo, ukuthi uNkulunkulu waloba iBhayibheli. LiyiZwi likaNkulunkulu.

35 Futhi Lingeke lehluleka. UJesu wathi, "Amazulu nomhlaba kohluleka, kudlule, kepha amaZwi aMi awasoze ehluleka." Futhi Lingehluleke, futhi linguNkulunkulu, ngoba Liyingxenye yaKhe.

36 Futhi-ke wena uyindodana yaKhe nendodakazi, uyingxenye yaLo, nalokho kukwenza ingxenye yaKhe. Ngakho yingakho siza ukuzohlanganyela ndawonye sizungeze iZwi likaNkulunkulu.

37 Manje leligama *guqulwe isimo*, ngilibhekile kwisichazamazwi, izolo. Ngenkathi, ngicishe impela ngalahlekelwa umkhondo wesikhathi ukuthi bengifanele ngibesenhla lapha, ngenkathi ngikade ngicinga indikimba, futhi ngithole leligama, noma lendikimba, njalo, uMbhalo. Futhi kwisichazamazwi kuthi yi "nto eshintshiwe." Ifanele i "shintshwe." *Guqulwe isimo*, "kwenziwe ngokwehlukile kunalokho okwakuyikho." Kade ku, "Isimilo sakho nakho konke kushintshiwe kukho," *ukuguqula isimo*.

38 Futhi mina ngicabanga kulokhu ukusa, kuGenesisi 1. Lelizwe lalingenasimo, futhi laliyize, futhi ubumnyama babuphezu kwezwe; kungekho lutho kuphela inxushunxushu ephelele. Futhi ngenkathi lelizwe lalikuleso simo, uMoya kaNkulunkulu wahamba phezu kobuso bamanzi, futhi isithombe sonke sashintshwa; kusuka enxushunxushwini ephelele, kuya ensimini yase Edene. Lawo ngaMandla kaNkulunkulu aguqula isimo, angathatha into ethize engelutho futhi enze into ethize emangalisayo ngayo. AMandla kaNkulunkulu aguqula isimo!

39 Futhi siyakuqonda lokho, ngokufunda imiBhalo, ukuthi uNkulunkulu kwaba yiminyaka eyizinkulungwane eziyithupha—sithupha ekwenzeni lokhu kulungiselela kwale Edene. Manje, kungahle ukuba Akabanga kade kangako; kodwa ukucabangela nje, futhi ukukuthatha eMbhalweni lapho Owathi "usuku olulodwa kuNkulunkulu, luyiminyaka eyinkulungwane emhlabeni," lokho ngukuthi, uma uNkulunkulu ubengabala isikhathi. Futhi kuthiwe kwakuyiminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha Abanayo ekwakheni umhlaba, futhi Wayetshale phezu komhlaba yonke imbewu enhle. Kwakukhona nje yonke into yayiphelele.

40 Ngiyacabanga, izikhathi eziningi, ngenkathi ngisho abagxeki baqala ukufunda iNcwadi kaGenesisi, baqala ukuYigxeka, ngoba kubonakala sengathi iYaziphinda njalonjalo Yona uqobo, noma ikuphosa phandle lapha nalaphaya.

41 Kodwa uma besizoqaphela nje umzuzwana, ngaphambi kokuba singene endikimbeni yethu, ukuthi, uMose wabona umbono. Futhi uNkulunkulu wakhuluma kuye. UNkulunkulu wakhuluma kuMose ubuso nobuso, umlomo nomlomo. Manje, Akazange akhulume kunoma yimuphi omunye umuntu kanjalo, njengoba Enza kuMose. Manje, uMose wayengomkhulu, omunye wabakhulu kunabo bonke abaprofethi. Wayengumfanekiso kaKristu. Futhi manje uNkulunkulu angakhuluma, Unephimbo. Lizwiwe. UNkulunkulu angakhuluma.

42 Futhi uNkulunkulu angaloba. UNkulunkulu waloba imiYalelo eyishumi ngomunwe waKhe uQobo. Wake waloba ezindongeni za—zaseBabiloni, ngomunwe waKhe. Wakhothama futhi waloba esihlabathini ngesinye isikhathi, ngomunwe waKhe. UNkulunkulu angakhuluma. UNkulunkulu angafunda. UNkulunkulu angaloba.

43 UNkulunkulu unguMthombo wawowonke umusa naMandla, nakho konke okokuhlakanipha kobuNkulunkulu, kukuNkulunkulu. Ngakho ngakho-ke, ekwazi lokho, Nguyena kuphela uMdali okhona. Akekho omunye umdali kodwa uNkulunkulu. USathane angeke adale, nhlobo, uphendukezela kuphela osekudaliwe. Kodwa uNkulunkulu nguyena kuphela uMdali.

44 Ngakho-ke, Wadala ngeZwi laKhe. Wathumela iZwi laKhe. Ngakho zonke izimbewu Ayezibeke phezu komhlaba, Wabumba lezozimbewu ngeZwi laKhe uQobo, ngokuba kwakungekho lutho olunye ukwenza ngalo imbewu. Wayezibekile, futhi zazingaphansi kwamanzi. Wathi nje, "Makubekhona *lokhu,* futhi makubekhona *lokho.*"

45 Manje siyathola ukuthi, izikhathi eziningi, kubonakala sengathi iBhayibheli liyaphindaphinda noma lisho into ethize kulokho Elingakusho. Isibonelo nje, kuGenesisi 1 siyathola ukuthi, "UNkulunkulu wadala umuntu ngomfanekiso waKhe

uQobo, emfanekisweni kaNkulunkulu Wamdala yena; owesilisa nowesifazane Wabadala." Futhi-ke Uyaqhubeka, futhi izinto eziningi zenzeka phezu komhlaba.

46 Khona-ke sifika ekubeni sithole ukuthi, kwakungekho muntu wokulima umhlabathi. "Khona-ke uNkulunkulu wadala umuntu ngothuli lomhlabathi." Lowo kwakungumuntu owehlukile. "Futhi Waphefumulela umoya wokuphila kuye, futhi waba umphefumulo ophilayo."

47 Umuntu wokuqala wayesemfanekisweni kaNkulunkulu, onguMoya. UJohane 4, uthi, "UNkulunkulu unguMoya, nabaMkhonzayo bafanele baMkhonze ngoMoya nangeQiniso." Kodwa uNkulunkulu unguMoya. Futhi umuntu wokuqala, Amdalayo, wayengumuntu-moya, futhi wayesemfanekisweni nasekumfuzeni uNkulunkulu.

48 Kwase kuthi-ke Wafaka lomuntu enyameni, futhi umuntu wawa. Ngakho-ke uNkulunkulu wehla futhi uba semfanekisweni womuntu, ukuze Ahlenge lowo muntu owile. Leyo yindaba yangempela yeVangeli, ngokombono wami—wami.

49 Manje, uNkulunkulu, eminyakeni eyizinkulungwane eziyisithupha, wayetshale zonke lezizimbewu ezimangalisayo, noma Wayekhulume iZwi laKhe. "Kuyoba ng*ale*ndlela. *Lesi*sihlahla siyobakhona. *Lokhu* kuyobakhona." Yonke into yayiphelele. Kwakukuhle nje. Futhi Wayala ngayinye yalezozimbewu ukuthi ziyobakhona, ziyoziguqula isimo zibe yisitshalo salolohlobo iZwi likaNkulunkulu elalikhulume kuzo ukuthi zifanele zibe yizo. Uma kwakuyisihlahla som-oki, sasizoveza um-oki. Uma kwakuyisundu, lalizoveza isundu.

50 Ngoba, uMdali omkhulu nje wayethumele iZwi laKhe, futhi iZwi-mbewu lalilapho ngaphambi kokuba imbewu yangempela yake yaze yabumbeka. Futhi iZwi labumba imbewu. Niyabo, "Wenza izwe ngezinto ezingabonakali." Niyabo, We—Wenza izwe ngeZwi laKhe. UNkulunkulu wakhuluma yonke into yabakhona.

51 Futhi enguNkulunkulu, uMdali, ekhuluma zonke izinto zibekhona, kufanele ukuthi kwakuyizwe eliphelele. Kwakuyi—yindawo enhle. Kwakuyi—yiparadisi langoqobo ngempela lapha emhlabeni.

52 Manje, njengoba, yonke indawo izofanele ibe nekomkhulu ndawo ndawo. Lengqungquthela inekomkhulu, nalomkhandlu wezikhulu zesonto unekomkhulu, nebandla linekomkhulu. NoNkulunkulu unekomkhulu. Futhi ngakho lendawo enkulu, isizwe esiphila kuso, sinekomkhulu. Futhi ngakho le Edene enkulu yayinekomkhulu, futhi ikomkhulu layo laphethela ensimini yase Edene, noma e-Edene, empumalanga yalo ensimini.

53 Futhi uNkulunkulu wabeka phezu kwalokhu, ukubusa konke okwaKhe okukhulu okudaliweyo lapha emhlabeni, indodana yaKhe nomlobokazi wendodana yaKhe, uAdamu noEva.

54 UNkulunkulu wayenguBaba kaAdamu. "UAdamu wayeyi...indodana kaNkulunkulu," ngokwemiBhalo. Wayeyindodana kaNkulunkulu.

55 Futhi uNkulunkulu wamenzela umsizi, ephuma emzimbeni wakhe uqobo; mhlampe ubambo luphuma phezu kwenhliziyo yakhe, ukuze abeseduze kwakhe, futhi wamenzela umsizi. Futhi ngempela kwakungakabi umkakhe, kungakabi futhi yindoda; Wayesakukhulumile nje. Futhi kulapho lapho inkathazo ifika khona, uSathane wamthola ngaphambi kokuba uAdamu amthole. Ngakho, kwakuyiZwi laKhe nje Ayelikhulumile.

56 Ngiyakusho lokho, angifuni ukuchitha isikhathi esiningi kakhulu kukho. Kodwa abanye benu bangahle bathole ukudideka kancanyana, kakhulukazi abanye babantu enhla e—phandle eNingizimu, babonakala bethola kudidana kancane nje, eMlayezweni enginawo ovela kuNkulunkulu namhlanje, uya kubantu, lowo ngenzalo yenyoka enobuqili. Futhi ngizoya ekhaya, iNkosi ithanda, ngolunye lwalezizinsuku, ukuya eJeffersonville. Ngifuna cishe umlayezo wamahora ayisithupha, futhi ngiqondise konke lokho, niyabo, ngakho kuzokubeka esimweni nje enizokwazi ukuthi sikhuluma ngani. Futhi kungu ISHO KANJE INKOSI. Kuqinise nje njengoba kwakunjalo ngenkathi Kubone uDadewethu Florence wethu ngaphambi kokuba ahambe, iminyaka emininganа. Niyabo, KuyiQiniso. Futhi manje, thina, mhlawumbe akuqondwanga kahle.

57 Uma othize ebezoza kimi, into ethize ephambene, bengizothi ukungakuqondi kahle, qobo lwami. Bengingezukufuna ukugxeka okushiwo noma ngubani. Asifanele sigxekane. Anginacala lokwenza lokho; ngiyayibonga iNkosi. Ngisigxekile isono nokungakholwa; kodwa akukho muntu ngayedwa, niyabo, a—angikwenzi. Si—singabafowethu nodadewethu, silwela, sehlela lapho uDadewethu Florence afike khona izolo ekuseni, niyabo. Yena, thina, sonke sizofanele size ngaleyondlela. Futhi akusiyo inhloso yami uku—ukuzama ukugxeka umfowethu noma udadewethu ongevumelane nawe. Qhabo, makube kude nami ukwenza lokho! Angicabangi ukuthi uyoke uthole iteyipu engake ngabiza igama likanoma ubani kuyo. Okungukuthi, ngikuzwile lokho izikhathi eziningi umuntu wayenephutha, kodwa lokho kuphakathi kwabo noNkulunkulu. Kodwa okuyiphutha, ngendlela yesono no...Futhi ukungaqondi kahle kwezinye izikhathi akusiso ngisho isono, kungukungaqondi kahle nje kwabantu. Futhi ngi—ngicabanga ukuthi ngamunye wethu unelungelo ukuzizwakalisa kwethu ekuqondeni kahle kwethu.

58 Manje loMdali omkhulu wayebeke indodana yaKhe edaliwe. Manje, uAdamu wayeyindodana yaKhe yokuqala edaliwe. UJesu wayeyiNdodana yaKhe *ezelwe* yodwa, niyabo, Wazalwa ngowesifazane. Kodwa uAdamu wayevela ngqo esandleni sikaNkulunkulu, kokudaliwe.

59 Manje ikomkhulu, nendodana yaKhe—yaKhe nomlobokazi wendodana yaKhe phezu kwakho konke, kwakubukeka kuphelele kakhulu. Kwakukhona i—indoda, inhloko yakho konke kwakho, indodana yaKhe uQobo nomlobokazi wayo.

60 Futhi yonke imbewu yayiphelele, amasundu, nama-oki, notshani, nezinyoni, nezilwane. Futhi yonke into yayisohlelweni oluphelele nomYalelo kaNkulunkulu, "Ungayishintshi imvelo yakho. Veza inhlobo yayo, yonke imbewu! M-oki, ungaphendukezelwa neze esihlahleni sikapopo." Niyabo? "Sundu, ungaphendukezelwa entweni enye ethize. Kodwa yonke imbewu ngenhlobo yayo!" Futhi Waye—Wayeyibhekisisile izikhathi.

61 Futhi Wayekhulume iZwi. Futhi aMandla aKhe amakhulu adalayo ayezibumbile lezizinto ezivelayo, futhi ngisho owesilisa nowesifazane. Futhi babeyinhloko ngoba babe yizi . . . babe ngabakhulu kuzo zonke ezinye izinhlanga. Futhi Wababeka futhi ngaphansi kokunakekela kwento efanayo Abeka kuyo izihlahla, izilwane, kanjalonjalo: iZwi laKhe. Abafanele neze, nhlobo nhlobo, bephule leloZwi. Bafanele bahlale Lapho. "Ungasusi noma yini kuLo neze, noma wenezele noma yini kuLo! Ufanele uphile ngaleliZwi."

62 Futhi inqobo nje uma lokho okudaliweyo kwakuyohlala kanjalo, uDadewethu Shakarian ubengayikudingeka ukuthi ahambe kulokhu ukusa, inqobo nje uma kwakuhlale kanjalo, umnotho omkhulu kaNkulunkulu! Yilokho esikukholwayo ukuthi sibuyela kukho. Sibuyela emuva kuleyo ndawana, leyo ndawo.

63 Lapho lokho kusa kwesikhombisa, ngenkathi uNkulunkulu ebuka ngaphezu kwakho konke, futhi Wathi, "Kuhle. Ngi—Ngithokozile ngakho. Ya, Ngi—Ngi—Ngiyajabula Ngakwenza. Futhi konke manje kungaphansi kokulawulwa. Futhi Ngibeke ithemba endodaneni yaMi nakumkayo, ukuthi—kuthi bayo (ngibenza inhloko yakho konke okwakho), ukuthi bazoqapha konke futhi babone ukuthi konke kulungile, ukuthi yonke into izoveza inhlobo yayo. Manje unamandla okwenza lokho." UNkulunkulu-ke wathi, "Awu, uma konke kukuhle kakhulu, futhi kungebe yinoma yini okunye, ngoba kuyisifiso saMi uQobo. Kuyindlela eNgikufuna ngayo. Futhi Ngikukhulume ngaleyondlela, futhi amaZwi aMi likulethile nje ngqo ngendlela ebeNgikufuna ngayo. Futhi nakho. Konke kuhle!" Ngakho iBhayibheli lathi, "UNkulunkulu waphumula ngosuku lwesikhombisa, kuyoyonke imisebenzi yaKhe."

64 Futhi yonke into ingaphansi kokulawulwa, ukuveza inhlobo yayo. Manje khumbulani, "ukuveza." Ngenkathi Efaka imbewu emhlabathini, imbewu kuphela ingaqhuma ngamandla okuphila aphakathi kwayo, ukuyiguqula isimo ukusuka embewini iya esitshalweni, kumbe noma ngabe kwakuyini. Amandla aKhe aguqula isimo! Manje, uNkulunkulu wafaka imbewu phakathi lapho, inamandla okwenza ukuthi iyoba yilokho Athi iyoba yikho. Futhi inqobo nje uma yahlala emkhakheni wayo ofanele, yayiyoba yikho impela nje uNkulunkulu athi yayiyoba yikho. Yafanele ibe ngaleyondlela, ngoba Wayeyenze ngaleyondlela, futhi wenza umgudu. Ukuthi, noma yini ehlala emgudwini waKhe, emgqeni waKhe weZwi, iyodingeka iveze khona impela njengoba iZwi laKhe lathi yayiyokwenza. Ingeke yagudluka lapho. Ibekwe emgudwini kahle nje ngqo. Ngakho, nayo yonke into ekuthembeni endodaneni yaKhe uQobo, ukuthi kwakuyoba ngaleyondlela, khona-ke uNkulunkulu wathi, "Konke kuhle, ngakho Ngizophumula nje. Futhi ngayinye yalezozimbewu inamandla kuyo uqobo, ukuziguqula isimo yona ibe wuhlobo eNgiyifisa ibe yilo. Yilokho efanele ibe yikho, ngoba Nginike yonke imbewu amandla aguqula isimo, ukuba izenze yona, ekubeni namandla okwenza ayo manje ukuba izenze yona khona impela eNgifuna ibe yikho."

65 UNkulunkulu akakaze aguquke. Ofanayo nje namhlanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi! UNkulunkulu uzimisele ukwenza into ethize. Uzoyenza. Akukho lutho oluzoMisa. Uzoyenza!

66 Manje emva kokuba konke sekukahle kakhulu futhi kwabekwa ngohlelo, uNkulunkulu wezwa eqinisekile manje ukuthi lokhu konke kuyoba kahle, kwase kuthi-ke, ngenkathi Enza, kwase-ke kungena isitha. Ngizo . . . UNkulunkulu wanikeza amandla ukuguqula isimo. Futhi ngizobiza lomfo, enamandla hhayi uku—ukudala futhi, kodwa ngi . . . Wayenamandla okukhubaza, hhayi ukuguqula isimo; kodwa ukukhubaza. Manje, noma yini ekhubazekile ithathwe isuswa emumweni wayo wasekuqaleni, kukhona into ethize ehambe ngokungesikho nakho.

67 Eminyakeni ethize edlule, ngigadile, ngenyukela emasimini ommbila, ngangicabanga nge, kwakukhona igatsha elaliphephuke lasuka esihlahleni, futhi laliwele phezu kohlanga lommbila. Futhi uhlanga lwaluzama ngamandla alo onke ukuba luvuke luqonde njengoba lwalufanele lubenjalo, kodwa lwakhubazeka ngenxa yokuthi into ethize yayenzekile. Futhi uthi lwalulele phezu kwalo.

68 Khona-ke sithola intandela yasendle ensimini. Okungukuthi, abaningi benu besilisa lapha, futhi mhlawumbe abanye benu besifazane . . . uma nivela eKentucky. Abasifazane usebenzisa ikhuba lapho ngokufanayo nowesilisa, aphume aye ensimini ne—nekhuba, silibiza ngekhuba eliyintamo

yehansi elidala, futhi uhlakule i—izintandela. Ngokuba, uma ungazikhiphanga lezo zintandela, lapho ummbila wawusemgqeni, *ka*nje, khona-ke leyontandela yayifinyelela ngale, idumele lowo mmbila, futhi izizongolozele izungeza kancane kancane, kalula impela, ngobuqili kakhulu, ukuthi kuyoba lukhuni ukusho ukuthi yayizongolozela. Futhi ekugcineni iya ngokuqina kakhulu ngokuqina kakhulu, futhi idonsa lowommbila uze ukhubazeke. Iwudonse ngokuphikisana nawo, iwuzongolozele ngokuzungeza umvini wawo uqobo; iwukhubaza kulokho owawuyikho, kuya kwenye into ethize. Nokho ummbila, kodwa wummbila okhubazekile.

69 Futhi sonke sisesemfanekisweni kaNkulunkulu. Kodwa abanye bakhubazeke kakhulu, njengamadodana kaNkulunkulu, ahamba ngokuphambene neZwi laKhe nasendleleni yaKhe a—Ayenayo ngathi nehlinzekelwe thina ukuba sihambe ngayo. Kuhlela into ethize, izwe lisisonta lisikhiphe endleleni, lisidonsele eduze nalo, futhi siqhele kulowo oqondile, umklamo oyingcingo Asitshala kuwo, ukuba sibe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Isono senze lento embi emadodaneni namadodakazi kaNkulunkulu.

70 Umkhubazi! Ngiyazi lokhu kubonakala kuthi ukuxaka ukukhuluma ngakho ngalendlela, "u—ukukhubaza," kodwa yilokho ayeyikho; wakhubaza, noma waphendukezela. *Phendukezela* kuchaza ukuthi "ukushintshwa, kwenziwe into ethize eyehlukile." Futhi uku *khubaza* yinto efanayo, ukuthi kulethiwe futhi kwakhubazeka, futhi "kwenziwa ngenye indlela." Nokho kuseyimbewu efanayo, kodwa ikhubazekile.

71 Manje siyathola ukuthi lomkhubazi futhi ubenobungako obufanayo besikhathi, ukukhubaza, njengoba uNkulunkulu wafanele aguqule isimo. Manje utshale imbewu yakhe, noma, akazange atshale imbewu yakhe, u...ensimini yase Edene. Kusukela kulesosikhathi, ubeneminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha yokukhubaza iMbewu kaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu; ukuLikhubaza, Lenziwe into ethize ehlukile; ngenkathi e...isikhathi sokuqala uEva amlalela ngaso, futhi wazitholela nje umushwana owodwa.

72 Khumbulani, kuqala uSathane wacaphuna lowo Mbhalo ngokucacile nje njengoba bekungabanjalo, "UNkulunkulu ushilo ukuthi, 'Aniyikudla yonke imithi ensimini yase Edene na'?" Niyabo? "Aniyikudla yonke imithi na?"

73 Futhi khumbulani manje, uEva wathi, "Yebo, singadla yonke imithi; kepha umuthi ophakathi nensimu, asifanele ngisho siwuthinte." Manje mbhekisiseni, emlayezweni wakhe, esonta leloZwi kancanyana nje. Ekushoni...UEva wathi, "Ngokuba uNkulunkulu washo, ukuthi, uma senza lokhu, ngalolo suku si 'yafa.'"

74 Wathi, “O, impela awuyikufa.” Niyabo, wayengu—ngumuntu, wathi, “Wena, yenza lokhu manje. Futhi, wena, uwuhlobo lwabantu olungazi. Wena, ngempela, awuzazi zonke izinto. Kodwa uma kuphela ubuzohlanganyela kulokhu, khona-ke ubuyoba nokuhlakanipha, ubuzoba nokwazi. Ubuzokwazi okulungile kokungalungile futhi ube njengonkulunkulu, wena, uma kuphela ubuzohlanganyela kulokhu ukuhlakanipha enginakho. Ngiyazi, kodwa wena awazi.”

75 Okungukuthi, kulungile ukuba nokuhlakanipha. Kodwa uma ukuhlakanipha kuphambene, uma ukuhlakanipha kungesikho ukuhlakanipha okuyikhonakhona okuvela kuNkulunkulu, ukuhlakanipha kobuNkulunkulu, futhi kuba ukuhlakanipha kwemvelo; anginandaba ukuthi sinesayense engakanani, noma yini, noma imfundo, ngokukadeveli. Ngizokufakazisa kini, iNkosi ithanda, emizuzwini embalwa. Ngokukadeveli.

76 Impucuko ngekadeveli. Ngisanda kuqeda ekushumayeleni ngalokho. Lonke isiko emhlabeni, onke amandla esayense, nayo yonke into, ngokukadeveli. Yivangeli lakhe alishumayelayo, lokwazi, ensimini yase Edene. Futhi uthathe lokho kwazi, ukwazi okuphendukezelwe, kuphambene neZwi nentando nesu likaNkulunkulu. Futhi manje usebe neminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha ukwenza khona impela nje uNkulunkulu akwenzayo, kuphela ngendlela ephendukezelwe, futhi wathatha ubungako obufanayo besikhathi ukufaka i Edene lakhe uqobo. Manje une Edene lapha emhlabeni, futhi ligcwaliswe ngokuhlakanipha, ukwazi. Lelo kwakuyivangeli lakhe ekuqaleni, ukwazi, ukuhlakanipha, isayense. UNkulunkulu akazange aze avumele okunjalo. Futhi ngi—ngifuna nina nibhekisise umzuzu. Wenza lokhu, futhi ngenxa yokuthi wayengumuntu wokuhlakanipha kwezwe.

77 Manje, kulukhuni ukusho lokhu. Ku—kulukhuni kakhulu, ngoba ukukhuluma kubantu abezwa ngendlela efanayo engiyenzayo, nendlela engikade ngiyiyo iminyaka eminingi. Kodwa kusukela ekuvulweni kwalezoziMpawu eziyiSikhombisa, zalezoziNgelosi nje ngemuva kwezintaba ngaleya, *Lena* sekube yiNcwadi entsha. Kuyizinto ebezikade zifihliwe, kuyembulwa njengoba uNkulunkulu ethembisa eSambulweni 10, Wayezokwenza. Futhi singabantu abanenhlahla uNkulunkulu abakhethile, bomhlaba, ukuze sibone futhi siziqonde lezizinto; okungesiyo inganekwane ethize, umqondo wokwenyama womuntu ezama ukukulungisa. YiZwi likaNkulunkulu lenziwe labonakaliswa, lifakazisiwe, ukuthi Liqinisile. Lifakazisiwe, hhayi ngesayense; kodwa nguNkulunkulu, ukuthi Liqinisile. UNkulunkulu, njengoba ngishilo phambilini emlayezweni, uNkulunkulu akadingi muntu ukuhumusha iZwi laKhe. UnguMhumushi waKhe yena uQobo.

Uthi kuzokwenzeka, futhi kuyenzeka. Lokho ngukuthi, U—Uyakuqinisa, lokho kuyakuhumusha.

78 Iminyaka embalwa edlule ngenkathi, thina bantu bephentekoste, ngenkathi a—amanye amabandla esitshela ukuthi sasi "hlanya," sa "singeke, uMoya oNgcwele wawuyinto edlulile." Kodwa siyathola ukuthi isithembiso sikaNkulunkulu sasingesa lowo othandayo, futhi manje sazi okwehlukile. Niyabo, futhi nje lokho kukancane kancane, lento ivulekile nge.

79 Futhi manje Wethembisa ukuthi izimfihlakalo ezazifihliwe kuleyo, yonke leyominyaka yebandla, iyokembulwa ngqo esikhathi sokuphela. Futhi Uyasazisa manje. Sisesikhathini sokuphela. Silapha manje.

80 Manje, uSathane ungumqambi wempucuko. Ungumqambi wesayense. Ungumqambi wemfundo.

Wena uthi, "Kuqinisile lokho na?"

81 Kulungile, asifunde eZwini likaNkulunkulu manje, uGenesisi 4, futhi asibuyele emuva futhi sibone nje umzuzu. Ngiyazi ngingahle, uma ngithatha isikhathi eside kakhulu, uMfowethu Carl mhlawumbe uzongitshela. [Omunye uthi, "Kulungile."—Umhl.] Kodwa, uGenesisi, isahluko 4, nevesi 16, kuyaqhubeka kusho lapha, ekuqaleni, uNkulunkulu akwenza ngokohlelo, ukubeka isiqalekiso phezu kowesilisa nowesifazane, nakho konke lokho ababezokwenza; futhi hhayi i *siqalekiso* phezu kwabo, kodwa abatshele okwakuzokwenzeka, nokuqalekisa umhlabathi ngenxa kaAdamu. Futhi siyathola lapha manje, ukuthi uEva wayenamawele. Nelilodwa lawo lalingelikaSathane, nelilodwa lawo lalingelikaNkulunkulu.

Manje wena uthi, "O, qhabo! Qhabo. Manje, Mfowethu Branham!"

82 Umzuzu nje. Ngitholeleni umBhalo owodwa, nomaphi, othi uKayini wayeyindodana ka Adamu. Ngizonikhombisa emBhalweni lapho Othi khona, "UKayini wayengowalowo omubi," hhayi uAdamu.

83 Manje qaphelani ngenkathi ekhulelwa lapha. Siqala esahlukweni 4, kuqala.

> *Futhi uAdamu wamazi . . . umkakhe; futhi wakhulelwa, futhi wazala uKayini, futhi wathi, ngitholile* . . . wathi manje, *ngitholile* indodana *eNKOSINI*.

84 Kusobala, kwakufanele kube njalo. Akunandaba noma ngabe kwakuyisifebe kumbe noma yini, kwakufanele kuvele kuNkulunkulu, niyabo, ngoba leyo yimbewu yaKhe, ngumthetho wembewu yaKhe, ifanele iveze noma ngabe yimbewu eyonakele, imbewu ephendukezelwe, kumbe noma ngabe kuyini. Izofanele iveze, noma kanjani. Ngukuyala kwaKhe.

*Waphinda wazala uAbela umfowabo.*

85 Akabange esamazi. UAdamu wamazi umkakhe, wayesezala uKayini waphinda futhi wazala uAbela, amawele. USathane wayenaye ngalokho kusa, uAdamu ngaleyontambama.

86 Niyakubona ukuqophisana okukhulu ephepheni lapha, ngiyakholwa, eTucson manje, ngalowo wesifazane ezala umntwana oyikhaladi nomntwana omhlophe, ngesikhathi esifanayo. Wahlala nomyeni wakhe ngalokho kusa, nendoda ngaleyontambama. Nendoda yayizonakekela, indoda emhlophe yathi yayizonakekela umntwana wayo uqobo, kodwa indoda eyikhaladi yayizofanele inakekele owayo uqobo. Niyabo? Ngiyakwazi lokho, ekukhwelisaneni kwezinja nokunye nokunye, impela kuyokwenzeka, uma kusemahoreni ambalwa kamuva. Lokhu kuyakufakazisa.

87 Manje ukukhombisa lapho impucuko ivela khona, manje asifunde uGenesisi ngapha, esahlukweni 4 sikaGenesisi futhi, nokubona lapho. Ivesi 16.

> *Wayesesuka uKayini ebusweni buka*Nkulunkulu, *wahlala ezweni laseNodi, ngasempumalanga* yohlangothi lwase *Edene.*
>
> *Futhi uKayini wamazi umkakhe; futhi wakhulelwa, futhi wazala uEnoke: futhi wakha umuzi, futhi wawuqamba igama umuzi, lokuthi nge*. . .*lendodana yakhe, uEnoke.*

88 Impucuko yaqala. Udokotela Scofield, lapha eBhayibhelini lami iScofield, kuthi, "Impucuko yokuqala." Qaphelani, wayesezala amadodana, futhi enza amaogani nomnyuziki. Olandelayo wazala amadodana, futhi uqala ukwenza ezinye izinto, izimanga, wakha amadolobha, futhi—futhi wenza izinsimbi zethusi, nazo zonke izinhlobo zezinto. Niyabo, yilokho akwenzayo, kuba yimpucuko yokuqala, eyayingeyabakaKayini. Wenze into efanayo kusukela phansi eminyakeni.

89 Manje masifinyelele lapho nevesi 25, futhi bhekisisani ukuthi elilandelayo laliyini.

> *UAdamu wabuye wamazi umkakhe,* manje, futhi *wazala indodana, futhi wamqamba igama lokuthi uSeti: Ngokuba uNkulunkulu, ethi,* u*ngibekele enye inzalo esikhundleni sikaAbela uKayini* amb*ulele.*
>
> *Naye* uSeti. . .*Naye uSeti, wazala indodana; futhi wayiqamba igama layo ngokuthi uEnoshe:* futhi *ngalesosikhathi abantu baqala ukukhuleka egameni leN*KOSI (ohlangothini lukaSeti, hhayi uhlangothi lwabakaKayini).

90 Niyabo, leso sihlakaniphi esikhulu sonke esibambelela kakhulu kuso! Yini ubukhomanisi namhlanje, yini unkulunkulu wabo na? Yisihlakaniphi, isayense. Senzani, empeleni na? Siphila kuphi na? Nakani lamazwi namhlanje.

91 Manje unohlobo lwakhe lwe Edene, uSathane uyenza manje. Kuleminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, ubumbile (akadalanga), kodwa, ukhubaze wonke umhlaba kaNkulunkulu; izidalwa zakhe, izilwane, ukuzalanisa, ukubhastelisa; izihlahla, izitshalo, isintu; ngisho nasenkolweni, iBhayibheli, ibandla; useze wazitholela insimu yaseEdene epheleleyo, yesayense, yonke into iqhubeka ngesayense. Izimoto zethu, yonke into esinayo, sayinikwa yisayense, okwenziwe ngumuntu. Futhi usene Edene lakhe elikhulu lapha; ukufakazisa ukuthi uMlayezo wenzeka esikhathini esifanele, ukufakazisa ukuthi akusiwo omunye unyaka othize kodwa yiSambulo 10! Bukani ukubhastelisa namhlanje, ukwenza okungcono, noma, okuhle kakhudlwana, hhayi okungcono. Bukani abantwana abancane namhlanje.

92 Ngiyise indodakazi yami kudokotela wamazinyo, izolo, futhi uthe amazinyo ayo lalisonteka. Umfowethu ezansi eTucson, uMfowethu Norman, ubenendodakazi yakhe encane, futhi amazinyo ayo laliphuma ngukuphambana. Nodokotela wamazinyo uthi masinya, uyakholwa, ukuthi mhlawumbe ezikhathini ezizayo, ukuthi abantu bayozalwa, amazinyo ekhula noma kanjani. Ngukudla esikudlayo, ukudla okubhasteliwe.

93 Niyifundile iReader's Digest, ngenyanga edlule, ngoBilly Graham, umvangeli odumileyo na? Kade nimlalele na? Ngiyamkhulekela manje kakhulu kunanoma yinini. Ngenkathi ekhuluma kulabo ababhekise okhololo emuva, kanjalo njalo, ngobunye ubusuku, kubekwe kulabo bagcotshwa. Ikhona into ethize eyenzeke kuye. Ngolunye lwalezizinsuku, ngithemba ukuthi ayibone indawo yakhe lapho ekhona, qaphelani, manje ubiza eSodoma, lowomuzi ophendukezelwe. Futhi manje qaphelani lokhu kwiReader's Digest, uBilly wayesebebuthakathaka kakhulu ngangokuthi akabange esakwazi ngisho nokuthi abambe imihlangano yakhe. Futhi bamtshela ukuthi kufanele agijime, alule umzimba, kanjalo njalo. Ngakho ugijima imayela usuku ngalunye, ngikholwa ukuthi kunjalo, noma into ethize, ukuthola ukwelula umzimba.

94 Umuntu ubolile. Sonke isintu sonakele. Yonke into injengoba yayinjalo ngesikhathi sokubhubha komhlaba ngamanzi. Konke kuketukile ngokuphelele, kwajika, kwehlukile emgqeni oqondile uNkulunkulu abatshala kuwo. Isono, ngesayense nokukhohlisa, kusisonte sonke isintu.

95 Nifundile yini futhi nje ngaphansi kwaleso siqeshana, lapho okwathi khona, "Kulezizinsuku, ukuthi amantombazane amancane nabafana baphakathi neminyaka yabo yobudala, ngokwesakhiwo sokwenyama, phakathi kweminyaka engamashumi amabili namashumi amabili-nanhlanu ubudala." Kucabangeni.

96 Ekuboneni okufihlakele ngobunye ubusuku, ngacaphuna intombazane eneminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala, isekuvalekeni ukuya esikhathini, ngayibiza qekelele. Futhi yilokho udokotela wayo ayeyitshele khona.

97 Niyabo, ngesiwile, esixhwalile, isizwe esiqonde esihogweni sokonakala. Ngiyazi lokho kuzwakala kungesiyo inkambo elungileyo, kodwa kungokweBhayibheli, niyabo, ukuthi kuqinisile; futhi lesisizwe esiphila kuso, lesisizukulwane sabantu.

98 Manje qaphelani namhlanje, ukubhastelisa izinkomo, ukubhastelisa izitshalo; nesayense iyajika ibuya ngqo, isayense efanayo ekwenzayo, ithi, "Yilokho okubhubhisa sonke isintu." Nikufunda ngokufanayo njengoba ngikwenza. Awu, abakuyeki ngani na? Yingoba bangeke bakuyeka. IZwi likaNkulunkulu lithe kuyoba ngaleyondlela. Kodwa uma bebeyocabanga umzuzu, bangamathuluzi, njengoJuda Iskariyothe, ebeka into impela uNkulunkulu athi iyokwenzeka. Iyakwenza impela nje ezisekelweni zabo uqobo zesayense.

99 Ngokocwaningo lwakhe lwesayense, ngephethini efanayo adukisa ngayo uEva, udukise ibandla futhi, okungukuthi lapho uEva wayengumfanekiso. Manje, manje uAdamu umfanekiso lapho futhi, noma uEva, njalo, webandla, qaphelani ukuthi lenzani. Ngokuzulazulela ukwazi, uthi nyelele ngale komugqa wokulungile nokungalungile, ngokulalela impendukezelo kaSathane, noma ukukhubazeka, kweZwi likaNkulunkulu lasekuqaleni.

100 Futhi manje amabandla namhlanje selibe ngelikhubazekile. Manje angikhulumi ngabantu, abantu ngamunye. Ngikhuluma ngebandla lezwe. Elinye lisontekele ngapha, nelinye lisonte elinye, futhi, ngesayense. Iphethini efanayo ayenza. Uqhube usongo lwakhe, uSathane ukwenzile, kukaIsaya 14:12.

101 Asikufunde lokho umzuzu nje. ENcwadini kaIsaya, asiqale isahluko 14, ivesi 12.

> *Yeka ukuwa kwakho ezulwini, O Lusifa, ndodana yokusa! noku* phoswa *kwakho phansi, wena owawuthobisa izizwe!*

Lona nguIsaya embona embonweni, niyabo, onyakeni ozayo.

> *Ngokuba wena wathi enhliziyweni yakho, Ngiyakukhuphukela ezulwini, ngiyakuphakamisa isihlalo sami sobukhosi phezu kwezinkanyezi zikaNkulunkulu: ngiyakuhlala futhi entabeni yomhlangano, . . . kugcineni* e*nyakatho:*

102 Inhloso kaSathane, e Edene, kwakungukuba azenzele i Edene lakhe uqobo; futhi aziphakamisele phezulu, ukuze izinkanyezi zikaNkulunkulu zimkhonze, amadodana amkhonze. Futhi ngokoqobo uyiqhubile manje, futhi uma esekwenzile

lokhu futhi wakufaka ebandleni. Okungukuthi, angeke ngingene ezihlaziyweni. Nonke nina enilalele lawomateyipu niyazi ngakho. Lelo, yilelohora impela esiphila kulo, futhi nguSathane okwenzile ngezinhlelo zemfundo, okufanela kangcono, okungcono *lokhu*, okungcono *lokho*. Futhi kungaziwa, ngaso sonke isikhathi, bahamba baqonda ngqo ekufeni. Bephuphuthekisiwe, behola impumputhe, abaholi abaphuphuthekisiwe bezizwe, abaholi abaphuphuthekisiwe besayense, abaholi abaphuphuthekile bebandla, impumputhe ehola ophuphuthekisiwe. UJesu wathi, "Bayekeni, bobabili bayowela emgodini."

103 Lapha qaphelani umfanekiso wamaEdene amabili efanekisiwe ngokusondelene kakhulu ndawonye, kuze kucishe kudukise abaKhethiweyo impela. UMathewu 24:24 washo ukuthi kuyoba ngaleyondlela. Kodwa ngifuna sime imizuzwana embalwa futhi sinake lamaEdene amabili, futhi into eyodwa kakhulukazi, ukuthi lisitshela kanjani iBhayibheli ukuthi iZwi likaNkulunkulu laveza leloEdene, nokuthi iZwi likaNkulunkulu lisexwayisa kanjani ukuthi elinye iEdene liyofika.

104 Manje, siyazi futhi ukuthi kuzofanele kube nelinye iEden, ukuba futhi besizolalela umprofethi, uPawulu, kwabaseThesalonika II isahluko 2. BengingaKufunda uma nifuna.

> Yena ozikhukhumezayo; lolo*suku aluyikufika,* lweNkosi, kuze *kwambulwe lowomuntu wesono,*. . .
>
> . . .yena ohlezi ethempelini likaNkulunkulu, *ezi*khukhumeza *phezu kwakho konke okuthiwa uNkulunkulu,* ukuze kuthi yena njengoNkulunkulu akhonzwe njengoNkulunkulu.

105 Kucabangeni lokho! Manje uIsaya 14, umprofethi wathi wambona u "Lusifa, enhliziyweni yakhe," ngombono phansi kokuphefumulela kukaNkulunkulu, "ethi uyokwenza lokho." KuIsaya, iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili ngaphambi kukaPawulu, noma cishe lokho.

106 Manje lapha, iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, uPawulu uyambona, ufika endaweni yakhe eyiyonayona. Qaphelani, kuya enhlokweni, iEdene lakhe; iEdene lakhe lesayense, nezwe lakhe lesayense, nebandla-mlobokazi lesayense, konke ngaphansi kwe—kwezwi lo "kwazi," amakholiji amakhulu, iziqu ezinkulu, izinhlelo zemfundo.

107 Lalela, mfowethu, dadewethu, ngamunye wethu uzohamba leyondlela ehanjwe nguFlorence. Ngiyanicela, eGameni likaJesu, ukuba ninake Lokhu. Ninganaki mina. Ngingumfowenu. Ukuthi, akusikho lokho. Nakani iZwi engilikhulumayo, leBhayibheli likaNkulunkulu. Futhi hlolani, ngokuphelele kubonakaliswe eZwini likaNkulunkulu uQobo, onyakeni esiphila kuwo, lapho esikhona.

108 Lezizinhlelo zingumphikikristu ngokoqobo, kuzo uqobo. Manje, uzofanele abe ne Edene, wathi uyokwenza. Nanti iZwi likaNkulunkulu elilula lithi uyokwenza, futhi lapha sibuka ngqo phandle futhi simbona ekwenza. Ukwenzile ngowakhe oyisihlakaniphi, wesayense, umlobokazi wobuhlelo. Uzohola, ngolunye lwalezizinsuku, eMkhandlwini wamaBandla oMhlaba ozomiswa. Onke azoba naye. Ezama . . .

109 Abantu, hhayi ngoba bengabantu ababi; batshalwa kulowomugqa oqondile, njengommbila, kodwa uSathane wahlwanyela izintandela, ezibizwa ngesayense, ucwaningo, imfundo, iziqu zobudokotela. Ngesinye isikhathi ngeke bakuvumele ngisho nasepulpiti ngaphandle uma ungaveza iziqu zobudokotela zasekholiji elithize ndawo ndawo. Konke kuyiphutha! Hhayi abantu; wuhlelo oluyiphutha. Futhi manje kwenzeni na? Konke kuya enhlokweni futhi, futhi kulethe izwe lonke (ngesigejane sokubhastela, impendukezelo yeMbewu kaNkulunkulu yasekuqaleni) kuya kwenye inxushunxushu yobumnyama.

110 Kodwa ngijabula kakhulu ukuthi uNkulunkulu uyasikhumbula futhi, ukuthi Usengahamba ngaphezu kobuso besimo. Wethembisa Ukuthi Wayezokwenza, futhi abize umhlambi omncane oyoba nguMlobokazi waKhe.

111 Qaphelani lapha futhi manje, ukuthi lamabandla afanekisa ngokuphelele kanjani, noma lamaEdene.

112 UNkulunkulu, ngeMbewu yeZwi laKhe! Futhi yinye kuphela into engaphilisa iZwi, futhi lowo nguMoya, ngokuba UnguMnikezeli-kuPhila eZwini. Futhi uma ukuPhila eZwini kuhlangana nokuPhila koMoya, Kuveza noma yikuphi iMbewu eyikho.

113 Manje qaphelani ukuthi kwenzekeni. Ensimini yaseEdene kwakungumnotho kaNkulunkulu wokuba msulwa, futhi lokho kwakungokunye kwe—kwezimiselo zezikhathi. Isimiselo sokuqala sezikhathi kwakumsulwa, abantu babengazi sono. Babengazi lutho ngesono. Bobabili uAdamu noEva babehamba-ze, kodwa babefihliwe ebunqunwini babo, ngeveyili kamoya phezu kobuso babo. Babengazi neze ukuthi babehamba-ze, nhlobo, ngoba babefihliwe. Ngokuba, iveyili kaNkulunkulu emiqondweni yabo uqobo, babengazi ukuthi kwakuyini okulungile nokungalungile. Futhi bona bobabili bemi lapho behamba-ze, kwakhombisa ukuthi ukwazi kwakungakafiki kubo, niyabo, ukuthi babehamba-ze. Bobabili behamba-ze futhi bengakwazi.

114 Manje uma nizophenya, uma nifisa, noma nikubhale phansi, eSambulweni, isahluko 3. UMoya oNgcwele ubikezela lonyaka wokugcina, kuNyaka weBandla lePencostal Lasewodikeya ezinsukwini zokugcina, Wathi:

> . . . uhamba-ze, futhi uphuphuthekile, futhi kawazi.

[115] Nanso iMbewu kaNkulunkulu, phansi kobumsulwa, bengazi nhlobo ukuthi babehamba-ze, phansi kweveyili kaMoya oNgcwele, ubamboza ngeveyili esonweni.

[116] Futhi manje onyakeni webandla wokugcina, siyathola lapha ukuthi bahamba-ze futhi, futhi abakwazi. Kodwa akusiyo iveyili kaMoya oNgcwele. Yiveyili uSathane ayiwisele kuEva ngesinyelela emuva lapho, iveyili yenkanuko, iveyili yenkanuko. Bangcole kakhulu baze abasakwazi nokuthi bahamba-ze, abesifazane bakithi emgwaqeni, begqoke izikhindi, ingubo ekhanukisayo.

[117] Omunye wangithumelela isiqephu ephepheni ngelinye ilanga, salengubo entsha abazoyigqoka, ngicabanga ukuthi, ama intshi ayishumi nane kusuka ezinqulwini, noma into ethize. Futhi angazi noma ngabe abesifazane bakithi—noma ngabe abesifazane babafo bakithi uyaqonda yini ukuthi leyo yiveyili yenkanuko na?

[118] Manje wena—wena ubuzothi, "Ngingafakazisa, phambi kukaNkulunkulu, ukuthi ngimsulwa kunoma yikuphi ukuphinga kumyeni wami, noma a—a . . . konke lokhu."

[119] Kodwa noma kunjalo, ekwaHlulelweni, uzobizwa ngesi "phingikazi." IBhayibheli lasho njalo. UJesu wathi, "Obuka owesifazane amkhunuke, usephingile naye vele enhliziyweni yakhe."

[120] "Uphuphuthekile, uhamba-ze, futhi kawukwazi!" Hhayi labo abesifazane bandla abancane phandle lapho; akukho lutho engimelene ngalo nabo. Yilobobubi! Futhi inqubo yebandla ibonakala yehluleka ukukuqonda noma ime imelane nakho; babayeka baphungule izinwele zabo, bazipende ubuso, nezikhindi nezinto, phansi kwegama lobuKristu. Into enyanyeka kanje pho okuyiyo! Niyabo, bahamba-ze futhi, e Edene likaSathane, futhi akakwazi. Abakwazi.

[121] Ngiyakholwa ukuthi ngibona, mhlampe, ngibuka ngapesheya lapha, ichibi lokubhukuda, lowo besifazane phandle lapho manje. Uma lowo wesifazane kuphela ubekuqondile lokho akwenzayo, kodwa akakwazi. Uhamba-ze. Umzimba wakhe ungcwele. Uhhundula izingubo zokugqoka uNkulunkulu amgqokise ngazo, ngesikhumba, salesisizukulwane. Ulokhu ekunquma njalonjalo. Uhamba-ze, ngaphansi kwegama le "mpucuko, imfundo ephakeme kakhulu, impucuko engcono, isayense ephakeme kakhulu ephathelene nezinkambo ezilungileyo." Angiqiniseke ukuthi lokhu kuyazika. Konke kungokukadeveli, futhi kuyobhujiswa ekuFikeni kweNkosi uJesu. Kuyobhujiswa, nokuncu kwakho. Akuyikubakho neyodwa into eshiywayo.

[122] Futhi, o, mngani, esizweni sonke, njengoba ningilalele lapha ePhoenix, cabangani ngalezozinto! Nilapha phansi kwazo.

Manje, uJesu washo ukuthi, “Bayodukisa abaKhethiweyo uma kungenzeka.”

123 Umoya wokuqala wawuyi . . . iveyili yokuqala yayiyiveyili engcwele, uMoya oNgcwele, futhi wayengafanele ukubheka ngaphandle kwaLowo. Kodwa ngenkathi—ngenkathi uSathane eqala ukukhuluma naye ngokwazi, wadingeka athi nje ukulunguza kancane ezweni.

124 Futhi yilokho impela indodakazi yakhe, ibandla, elikwenzile. Nifanele nibone, nifanele nigqoke njengenye yezingcweti zebhayiskobho, noma izinsizwa zifanele zenzise okukaElvis Presley noma—noma uPat Boone, noma—noma abanye balabobantu, phansi kwegama lenkolo.

125 UPat Boone uyiChurch of Christ. UElvis Presley uyiPentecostal. Abalingiswa ababili abangenwe amademoni ophosele izwe enxushunxushwini embi kakhulu kunoma uJuda Iskariyothe enza ngokukhashelwa kukaJesu Kristu. Abakwazi. Labobafana abakwazi lokho. Akukho lutho enginalo oluphambene nalabo—labo bafana, amadoda, ngumoya okubangelayo.

126 Nje yeqela ngakulolohlangothi kancanyana, dedela leyontandela nje ibe nokubamba okukodwa okuncane izungeze ikhoba lalowommbila, kanye, bhekisisa ukuthi kwenzekani; ummbila awusekho. O, ya, usevele umtholile. Futhi yileyondlela eyokwenza ngayo. Iyokwenza ngasosonke isikhathi. UEva wadingeka nje athi ukulunguza kanye ezweni.

127 Futhi ake ngisho into ethize kuwe, mfowethu nodadewethu. KuJohane wokuQala, isahluko 2 nevesi 15, singaKufunda uma nifisa, iBhayibheli lithi:

> . . . *Uma* si*thanda izwe,* noma izinto zezwe, kungoba *uthando lukaNkulunkulu alukho* ngisho *ki*thi.

128 Manje, igama lapho alisiwo *umhlaba*; yigama lesiGreki, yi*kosmos*, okusho “uhlelo lwezwe.” Uma sithanda izimfeshini zomhlaba, izwe, uma sithanda inkambiso yosuku, uma sicabanga “lesi yisikhathi esimangalisayo, o, sinazo zonke lezizinto,” uma ucabanga lokho, kungenxa yokuthi ukucabanga kwakho kuyiphutha. Kuphendukezwele ngudeveli. “Ngokuba uma uthanda uhlelo lwezwe, nezinto zalelizwe lamanje, kungenxa yokuthi uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakuwe.” Kukhumbuleni lokho. O Nkulunkulu! Bukani ukuthi sibuka kukuphi!

129 Lapha ngifuna ukuma nje umzuzu futhi nginitshele indaba encane. Ngezwa ngomfundisi waseMpini yoMhlaba yokuQala. Babephose . . .

130 NjengoSathane ekuqaleni, ngenkathi efika engena ensimini yaseEdene. Wayengenakuzimba lezoziMbewu. Wayengenakuzibhubhisa. Kodwa wazifutha ngophoyizeni,

futhi wakhubaza iMbewu, ayivezanga inhlobo yayo efanele. Kwakhubaza iMbewu yasekuQaleni.

131 Futhi yilokho zonke lezizinhlelo zenkolo. Baseyiwo amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, kodwa kuyakhutshazwa. Bayaya esontweni, befuna ukwenza okulungile. Isisitela alingeni neze esigodlweni samasistela ukuba ngowesifazane odelelekile. Umfundisi akedluli neze esikoleni ukuba nje abeyi—yi—yindoda embi. Awulijoyini neze ibandla, bese uxhawula, ufake igama lakho encwadini, kumbe noma ngabe yini oyenzayo ebandleni lakho, ukuba ube ngumuntu omubi. Wenza lokho ukuba ube ngumuntu olungileyo. Kodwa ngukukhohlisa, ngukukhubazeka okukwenzayo. USathane ukufuthile. Niyabo? UNkulunkulu akakaze abe nenhlangano. Ayikho into enjalo etholakala noma kuphi emaZwini kaNkulunkulu.

132 UNkulunkulu uyinhlangano yethu, sihlanganiswa kuYe, uMzimba, kuNkulunkulu, eZulwini. Kunjalo. Amagama ethu aseNcwadini yokuPhila yeWundlu. Qaphelani.

133 Kodwa, niyabo, ngiyazi kulukhuni kakhulu, kodwa ngi—ngifuna nithi nje ukubekezela kancanyana uma nithanda. Ngesikhathi sempi yomhlaba . . . Ngiyaxolisa ngokuqhela endabeni yami.

134 Kodwa ukwenza leliphuzu, ngi—ngifune ukuninika ukuhlaziya kwami ngalokho uSathane akwenze eEdene: wafutha ngesifutho sikaphoyizeni esenyanyekayo. Beningathanda ukwazi ukuthi sasiyini lesosifutho na? Nginganitshela. Nginayo indlela yokukwenza, amagama amabili: ukungakholwa, okuphambene nokukholwa, wafutha ukungakholwa, ukungabaza. Nesayense yagcwalisa indawo yayo. Lapho okukhona imbobo, eyangena eMbewini, uSathane wagcwalisa leyombobo ngokwazi nesayense nempucuko, futhi kukhubaze konke, okudaliweyo kukaNkulunkulu konke jikelele.

135 Ngiyazi nicabanga ukuthi nginibeka egatsheni, kodwa ngisegatsheni nani. Futhi sonke silapha ukuzama ukuthola esingakwenza. Asizisho lezozinto ukuba sehluke. Sifanele sibeqotho.

136 Thina, ngamunye, sehlela ekupheleni kwendlela, lapho esizozilanda khona ngalolonke izwi. Khona manje, siyazi ukuthi amaphimbo ethu . . . Uma sizalwa, ukukhala kwethu okuncane kokuqala konke kuya eteyipini. Kuzophinde kudlalwe futhi ngoSuku lokwaHlulelwa. Ngisho nezingubo zokugqoka ozigqokayo ziyokhonjiswa ebusweni bakho, ngoSuku lokwaHlulelwa. Ngisho nesayense ikutholile lokho, ngetelevishini. Niyabo, itelevishini ayisikhiqizi isithombe, isihambisa kuphela ngomgudu. Umbala wezingubo zokugqoka, ngasosonke isikhathi uma unyakaza, yonke imicabango

esemqondweni wakho, ngokoqobo kugcinwa erekhodini likaNkulunkulu. Futhi leyonto enkulu iyobekwa phambi kwakho ngqo, zonke zalezo zingubo zakho ezinyanyekayo owawuzigqoka; ngasosonke isikhathi owawuya ngaso esitolo okugundwa kuso, ugunde lezozinwele uNkulunkulu akupha zona. Kuyobakhona. Uyophendula ngakho. Ungeke wenze umnyakazo khona lapho, ngisho nje nemicabango yenhliziyo yakho ngenkathi usayenza, iyodlalwa phambi kwakho ngqo. Uyophunyuka kanjani na? "Siyophunyuka kanjani uma sidebesela insindiso enkulu kangaka na?" Niyabo? Asizukuphunyuka. Wonke umnyakazo, nemicabango yenhliziyo, kuqoshwa ngqo kwelinye izinga, ngisho nombala wezingubo zokugqoka ozigqokayo. Itelevishini, itelevishini enombala iyakufakazisa kuphume ngqo, iyakukhipha futhi iyakukhombisa, niyabo, futhi nje lokho kusezingeni elilodwa kwamathathu esiphila kuwo. Niyabo?

137 Manje uphoyizeni ulishaye kanjani ibandla, washaya umhlaba! Uphoyizeni kaSathane phezu kweziMbewu, ufake izimbobo kuyo futhi wayibangela ukuba ikhubazeke. Kaningi kaningi, ucwila ngokujulile kakhulu ezinhliziyweni zamabandla, nasezinhliziyweni zabantu nakho konke, isayense, isayense. Sekuze kube yindawo lapho khona isintu, ngokuzalaniswa. . .Ngikholwa ukuthi yonke imbewu ifanele iveze inhlobo yayo. Futhi isintu, nesitshalo, nakho konke kuzalaniswa, kusilethe endaweni; ekudleni ukudla kwethu okuvela emhlabathini, okungukuthi, imizimba yethu, kwenze ukubhastela, kufake imiqondo yethu yonke. . .Manje, uma imizimba yethu iwa, kusukela eminyakeni engamashumi amabili kuya emashumini amabili-nanhlanu ubudala, ngenxa yamangqamuzana onakele, ngokudla okuningi okubhasteliwe, amangqamuzana obuchopho bethu awonakali yini na? Akusiwo yini lawomangqamuzana, futhi na? Yingakho uRicky egijima edabula estradini lapha, nalenduku eshisayo; ngenkathi uRicketta, okukaElvitta, nabaningi babo, njengoba besingalibiza igama, phandle lapha benqunu uhhafu phambi kwabantu, ngokomqondo bengasekho, ingasekho imicabango ethize yobuqotho noma izimilo.

138 Endabeni yami encane. Lomfundisi wasempini wathi wayekade esezansi esibhedlela, futhi wathi abafana abaningi kakhulu belele ethendeni, abanye. . .Wayesanda kuvela ngaphandle nje. Wathi waphumela lapho, nesinye isikhulu samtshela, sathi, "Mfundisi wasempini, sifuna ukugibela siphume, ukuyobuka emasimini phandle lapho." Babejikijele lophoyizeni wegesi eluketshezi olusamafutha neklorine, njengoba babenza ngalezozinsuku.

139 Futhi wathi, "Ngaphumela lapho, Mfowethu Branham," wathi, "kwakungekho xolo esihlahleni, kwakungekho hlumela lotshani. Kwakungokusa kwePhasika." Wathi, "Kwakukhona

ezinye izimoto zempi ezindala ezisakazekile ezansi lapho, isikhulu sasifanele sithole irekhode lazo, futhi sibone ukuthi ngabe kwakukhona yini okwakungenzelwa zona, eduze kweArgonne Forest enkulu." Wathi, "Ngenkathi ngimi lapho ngedwa," wathi, "Ngabheka phezulu, ngathi, 'O Nkulunkulu, yilendlela konke okuza kuyo.'" Kunjalo, konke kuyeza. Kwakushe konke kwangqongqa, kungekho kuphila ndawo nhlobo, utshani bushile; isihlahla, ngalawomagesi, izihlahla zibulewe, yonke into yabulawa, isontekile, kulengela phansi, lapho izinhlamvu nezinto zazikubhoboze khona.

140 Uma leso kungesiso isithombe sezwe namhlanje, lapho uSathane efutha khona ukungakholwa kwakhe, ukubhastelisa kwakhe, isayense yakhe, ukwazi kwakhe! Kuze kuthi, lokho elaliyikho ekuqaleni, ngenkathi uNkulunkulu ebeka uAdamu noEva ensimini, lelo paradisi elihle lingena kufa, lingenakugula, lingenasizi, futhi yonke into iphelele ngohlelo, bukani ukuthi uphoyizeni iDDT kaSathane yenzeni! Liyinxushunxushu. Akukho lutho olusele kulo.

141 Wathi, "Ngaqala ukukhala. Ngabuyela emuva, ngaheheka edwaleni." Wathi, "Ngavele nje ngaya laphaya ngase ngibuka edalweni, ngaliphusha ngaliguqula. Phansi ngaphansi kwedwala kwakuyimbali encane emhlophe ikhula, into kuphela ephilayo eyayisele, ngoba yayikade ikhoseliswe yidwala."

142 Nkulunkulu, Dwala lami, sikhoselise namhlanje, O Nkulunkulu, ngenkathi labophoyizeni bendiza ndawo zonke egameni lesayense nemfundo. Sikhoselise. Ngigcine kuze kube yilolosuku, O Nkulunkulu, ngumkhuleko wami. [Omunye emsamo uthi, "Ungabeki-mnqamulo wesikhathi, Mfowethu Branham."—Umhl.] Manje ngithemba ukuthi thina, ngamunye, siphansi kwaleloDwala, uKristu.

143 Ngashumayela nje ngelinye ilanga, abaningi benu bakuzwa. Ngangehlela emahlathini, ngizingela, futhi ngaheheka ukuba ngiphenduke. Futhi ngabuka, futhi lapho kulele ikhathoni likasikilidi elingenalutho noma ipaki, noma nikubiza ngani. Futhi yinkampani, angizizweli ukuthi ngifanele ngilibize igama labo, kodwa inkampani kagwayi yayinakho, banesiqubulo, "Ihluzo lendoda ecabangayo, ukunambitha kwendoda ebhemayo."

144 Ngaqala ukuhamba ngezinyawo ngiqhubeka ngehla ka—kancanyana ngokuqhubeka emahlathini, futhi Into ethize yangiheha, "Buyela emuva kulelopaki likasikilidi."

145 Ngacabanga, "Baba waseZulwini, ngehlela ezansi lapha kulesosihlahla lapho lezozingwejeje zakhulunywa nguWe zabakhona, ngokunye ukusa. Kungani Ungibize ngibuye na?"

146 Futhi Into ithize yathi, "Unenkonzo ezayo yangeSonto. Indikimba yakho ibhalwe kulo."

Ngacabanga, "Epakini likasikilidi na?" Ngabuyela emuva.

147 Futhi ngiqala ukucabanga, "Ihluzo lendoda ecabangayo," ukukhohlisa okunje pho lokho okuyikho! Ukuba indoda ibiyindoda ecabangayo, ibingeke ibheme nhlobo. Kodwa, niyabo, abantu bayakugwinya lokho.

148 Ngiyakholwa kwakuyiminyaka emibili edlule, ngenkathi ngangikwenye yezingqungquthela, ngenyukela embukisweni wezwe ngenkathi usoGwini lwaseNtshonalanga. Futhi babenisithombe sikaYul Brynner nabaningi babo lapho. Futhi ososayense, abaningi babo, wayesehholo elifanayo, mayelana nengozi yokubhema. Ukuthi babeyidonsa kanjani leyontuthu yedlule emabulini, bese bethatha iQ-tip encane base bephakamisa injimbilili beyisusa lapho base beyibeka emhlane wegundwane, base belifaka ekheyijini, ezinsukwini eziyisikhombisa laligcwele kakhulu umdlavuza lalingakwazi ngisho nokuhamba. Niyabo? Wathi. . .Balidonsa ledlule emanzini.

Ngathi, "Ihluzo!"

149 Ngathi, "Ihluzo? Ayikho into enjalo." Ngathi, "Wena. . ." Manje, lokhu isayense qobo lwabo. Bathi, "Ungeke waba nentuthu ngaphandle uma uthole itiyela. Itiyela lenza intuthu."

150 Futhi into kuphela okuyiyo, yicebo lokuphamba, ukudayisa abanye osikilidi abaningi. Ngenkathi lokho, uma ngi. . .Angithembi ukuthi nicabanga ukuthi ngingongcolisa okungcwele noma uhlanya. Lowodeveli endodeni, oyenza ibheme, ukuba izibulale yona. Uma i—ifuna injimbilili yosikilidi owodwa, lokho kuyoyinikeza isifiso sayo, manje inkampani iyafika eduze ngalelicebo lokuphamba elidukisayo, bese ithi, "Ihluzo lendoda ecabangayo." Izofanele ibheme osikilidi abane noma abahlanu, ukwenza itiyela elingaka kuwe (ukuyenelisa) njengoba wenze ngowodwa. AmaMelikana ethengisa ukufa kubazalwane babo nodadewabo! Angikutholi.

151 Kodwa nokho phakathi lapho, ngacabanga, "Kukhona iHluzo lendoda ecabangayo elilungile."

152 Manje uma indoda ibibhema, khumbulani, kuveza ukunambitha kwendoda ebhemayo. Khona-ke, uma ungeke ube no. . .ugcwalise isifiso sentuthu uze uthole intuthu lapho futhi uthole. . .izofanele iveze ukunambitha. Ngakho ubhema osikilidi abane, noma abahlanu, futhi uwukhokhele kakhulu kunoma ubuzokwenza uma nje ububheme usikilidi owodwa ovamile. Niyabo, kuyicebo eliphambayo, icebo eliphambayo lendali; kudukisa abantu, amaMelikana. Uma ngicabanga ngoValley Forge, uGeorge Washington; nokubili kokuthathu kwamasosha akhe, futhi kungekho zicathulo ezinyaweni zawo, ngalolosuku olubandayo, ukusenzela umnotho esiyiwo! Futhi-ke amaMelikana adayisela iMelikana, umfowabo nodadewabo, ukufa, ngaphansi kwecebo eliphambayo lamanga, ngenxa yemali eyinzuzo engcolile, impande yakho konke okubi.

Ukukhalela imali, uthando. Yonke into isiyahlanya, bengazi ukuthi yonke lento iyobhubha! Kodwa uma ungatholi ntuthu, ungeke ubenokunambitha.

153 Ngase-ke ngicabanga, "Kukhona iHluzo lendoda ecabangayo." IHluzo lendoda ecabangayo! Futhi ngathatha indikimba yami kusukela ekutheni "IHluzo lendoda ecabangayo liveza ukunambitha kwendoda engcwele."

154 Ngakho ngacabanga ukuthi amahlelo ethu lenze yonke inqwaba yokunjalo, afaka abantu futhi bazibize ngamaKristu leyo nje yinoma yiyiphi indlela. Ngani na? Bathola abanye abaningi ehlelweni labo noma izinhlangano. Sithola abanye abaningi phakathi lapho ngoba sibavumela bengene ngaphansi kwa *lokhu, lokho,* no*kunye*, nanoma yini. "Lokho akwenzi nayimuphi umehluko, nje ukuze bafake igama labo encwadini futhi bathi bangumKristu. Yilokho kuphela. O, 'ngokukholwa usindisiwe.' Ufanele ukholwe." Udeveli wenza into efanayo. Ya.

155 Ufanele uzalwe ngokusha, futhi lokho kufika ngeHluzo likaNkulunkulu! Manje nanto iHluzo lendoda ecabangayo. NgiLibambile esandleni sami. Ngeke liveze ukunambitha kobuhlelo, kodwa Liyokwenelisa ngempela ukunambitha kwendoda engcwele, niyazi.

156 Ubengake aze edlule kanjani owesifazane ophungule izinwele kuleliHluzo na? Ubengakwenza kanjani owesifazane ogqoke izikhindi ukuba aze adlule kuLo, noma amabhulukwe amasleksi, uma iBhayibheli lithi, "Kuyisinengiso kuNkulunkulu, ukuba owesifazane agqoke ingubo ngisho engeyowesilisa"? Futhi ingakwenza kanjani indoda ecabanga noma yini ngayo, iphume lapha futhi igqoke njengabesifazane, idedele izinwele zayo zikhule njengowesifazane, zehlele emehlweni ayo, neziphomoliya, futhi zime zaphothana ka*njalo* na? Igqoke izingubo zangaphansi zomkayo. Yena owesifazane ugqoke izingubo zakhe owesilisa zangaphandle. IHluzo lendoda ecabangayo na? Indoda ecabangayo ngeke ikwenze lokho, noma owesifazane ocabangayo ngeke akwenze. IZwi likaNkulunkulu ngeke likuvemele kwedlule.

157 Akukho neyodwa into ebingedlula kuleloZwi. Lowo nguMoya oNgcwele, futhi Uletha iZwi lingene kuwe, futhi Uveza ukunambitha kwendoda engcwele.

158 Bukani namhlanje, uRicketta estradini, othandekayo, umumo womzimba omuhle uNkulunkulu amupha wona, noSathane ewusebenzisa. Futhi uyogqoka ngokungenasimilo kakhulu, engazi ukuthi iviki kusukela namhlanje angahle abe esebola ethuneni.

159 Ngiza ngehla ngestradi lapha kungekudala. Ngangishumayela engqungqutheleni eAssemblies of God ngale oGwini-Ntshonalanga, emhlanganweni phandle eNingizimu-ntshonalanga Bhayibheli Sikole. Inenekazi

elincane lehla ngomgwaqo, elincane...ligqoke lezozingubo ezincane, amabhikini, noma ngabe nikubiza ngokuthini, nezinsephensephe zilenga ngaphandle, nesigqoko samakhawa bhoyi namabhuzu. Ngangenyuka ngomgwaqo. Ngacabanga, "Umfo omncane bandla, umntwana kamama othize nobabayi, wabekwa lapha ukuba abe yindodakazi kaNkulunkulu, futhi usebe yisicupho sodobo lukadeveli." Ngacabanga, "Ngikholwa ukuthi ngizojika nje futhi ngibuyele emuva, futhi ngitshele leyonganyana." Yayibonakala icishe ibe nguntanga kaSarah wami lapho, iminyaka eyishumi nesikhombisa, iminyaka eyishumi nesithupha ubudala, noma into ethize. Ngacabanga, "Qhabo, kungcono ngingayitsheli. Ngizovele ngenyukele lapha nje emgwaqeni futhi ngiyikhulekele. Uma omunye umuntu engibonile ngimile futhi ngikhuluma nayo, kungcono ngingakwenzi."

160 Manje, futhi lalelani, madodana kaNkulunkulu, ningena kuleyondawo efanayo, laboJezebeli bosuku beganga ngawe, kodwa indoda ecabangayo izocabanga kuqala. Angahle abukeke kahle kakhulu, kungahle kube ngukuthi "Ngingenza ukushaya naye," kodwa kuyokubiza umphefumulo wakho, mfana; amanye enu mantombazane, kulaboRickies! IHluzo lendoda ecabangayo liveza ukunambitha kwendoda engcwele.

161 Nina madoda aganiwe, uma nibona labo besifazane estradini kanjalo, nina madodana kaNkulunkulu, aniqondi yini ukuthi kwenzekeni ekuqaleni kokuqala na? Ngenkathi isayense yayenze abesifazane babukeke kahle kakhulu ezweni elabhujiswa ngamanzi, kwaze kwathi amadodana kaNkulunkulu athatha amadodakazi abantu (hhayi amadodakazi kaNkulunkulu), futhi uNkulunkulu akazange akukhohlwe. Babhubhisa yonke into; isayense, ukubukeka kahle ngokuthe xaxa. Kwakuvamise ukuthi...Niyabuqaphela ubuhle babesifazane buphakama ngezinsuku zokugcina, kuyisibonakaliso sokuphela; uNkulunkulu ukufakazisile. Ngakho, sebenzisa iHluzo lendoda ecabangayo, uyoba nokunambitha kwendoda engcwele. Kuyokubiza ikhaya lakho. Kuyokubiza isikhundla sakho. Kuyokubiza yonke into onayo; ngaphandle kwalokho, umphefumulo wakho! Kuyobhidliza ikhaya lakho. Kungahle kube nenye indoda ekhulisa abantwana bakho, noma omunye wesifazane okhulisa abantwana bakho.

162 Thatha iHluzo lendoda ecabangayo, liyoveza ukunambitha kowesifazane ongcwele. Uma uqala ukuya esitolo sokugunda izinwele, noma into ethize enye, futhi bayakutshela, "Uzophathwa yikhanda, uyazi." Thatha iHluzo lowesifazane ocabangayo, okwashiyo yiBhayibheli, uyabo, bese udeda kukho. Uyabo? Ungakwenzi.

163 Ngingumfowenu, futhi ngiyanithanda. Akukho lutho engiphambene ngakho nani. UNkulunkulu uyazi. Futhi yilokho okungenza ngisho izinto engizenzayo, kungenxa yo—yothando

lukaNkulunkulu ngani. Uma umuntu eyophumela lapho futhi bengayikunitshela, umelusi wakho akuvumele uhlale eduzane futhi uziphathe kanjalo, akakuthandi. Angeke akuthanda. Ngingelufune lolohlobo lothando ngabesifazane. Ngifuna ukuba nokunambitha okungcwele ngodadewethu. Ngimfuna abe ngudadewethu ngempela. Hhayi omunye umuntu ongathi, omunye umuntu ukhulume ngaye ebukeka kahle kakhulu nokuthi unjani, nalezozindlovukazi zocansi, "Uya kweyami . . ." Hhe-ehe. Qhabo. Ngimfuna eyinenekazi!

164 O Nkosi, ngigcine phansi kweDwala. Yebo. Kwabase-Efesu 5:26, indlela eyodwa kuphela ongedlula ngayo kuleloDwala, lokho ngukuthi, "Ugezwe ngamanzi okwehlukanisa ngeZwi." Kunjalo.

165 Manje, ungavumeli lodeveli akufuthe ngemfundo yakhe. Qhabo, qhabo. Izobulala ukuthonya kwakho. Ungamvumeli udeveli athathe lokho, "Awu, ngisonta esontweni umama wami ayesonta kulo, ubaba wami, ugogo wami." Ungamvumeli udeveli akufuthe ngalokho. IBhayibheli selivele lishilo, emiNyakeni yeBandla eyisiKhombisa, nezinto lapho, konke sekubeyize! Kunjalo. Yonke into yonakele. Yonke into iyisilonda esibhucukile. Ningamvumeli anifuthe, athi, "Awu, kuyisayense ephathelene nezinkambo ezilungileyo eziphakeme kakhulu. Sifundiswe kakhulu kunoma sasivame ukuba njalo ezinsukwini ezindala." Ungamvumeli udeveli abeke lokho ngaphezulu phezu kwakho. Nginikhombisile lonke uhlelo lwakhe lwempucuko, imfundo nesayense. Unakho ngqo ebandleni, futhi ningakulaleli lokho. Susa ikhanda lakho kulezozinto zetelevishini ezindala ezingcolile nezinto!

166 Nendikimba yethu ithi, "Ningalingisi, kodwa niguqulwe isimo." Ningangeni bese nithi, "Ngaqiniswa, ngeSonto." Qhabo. Ngenani bese niguqulwa isimo khona manje, niguqulwe isimo kulokho eniyikho, niye kulokho uNkulunkulu afuna nibe yikho.

167 Manje, kuya ngokuthi nhloboni yembewu ekuwe. Uma isihlakaniphi, imbewu yemfundo ibekwe kuwe, yinye kuphela into engayenza, ukukukhubaza, yilokho kuphela, endodaneni noma indodakazi kaNkulunkulu. Kuyinto kuphela engayenza. Abantu namhlanje, njengoba ngibuka phandle, baziphathisa okungathi abakholwa ngisho nokuthi ukhona uNkulunkulu.

168 Ngiyaxolisa ngalesisisho. Uma imizwa kanoma ubani ulinyazwa yilokhu, angikuqondile. EmaSontweni athi awabe mabili edlule ngamenywa, yindodakazi yami uqobo, ukuba ngingene kwitelevishini futhi ngibuke ukucula kwezenkolo. KungeSonto ekuseni. Ngangifuna ukuzwa uOral Roberts ohlelweni lwakhe, ngabatshela ukuba bangazise. Wathi, "Uyakuzwa lokhu, lokhu kunguculwa okukhulu kwehubo." Indodana yami imi lapho, yangitshela ngakho, nayo. Ngase ngiphendula leyosethi . . .

169 Siqashe kowesifazane onetelevishini endlini yakhe. Angikaze ngihlose ukuba neyodwa endlini yami. Qhabo, mnumzane. Angiyifuni leyonto endlini yami. Ngingayihlakaza ngesibhamu sami esiyingebe. Angifuni kwenza lutho ngaleyonto embi. Qhabo, mnumzane! Kodwa ngathatha i . . .

170 Ake nginitshele ngani baseArizona lapha. Nizibonile lezozihlaziyo ngolunye usuku, zezikole, anizibonanga na? Amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili abantwana ezikoleni zaseArizona aguliswa ngukuntuleka komqondo, amaphesente angamashumi ayisithupha-nesikhombisa abo kwakungenxa yokubuka itelevishini. Kuthiwani ngalokho na?

171 Bekungangcono usebenzise isibhamu sakho esiyingebe! Niyabo? Manje, ningamvumeli udeveli anifuthe ngalokho. Qhabo, mnumzane. Manje abantu, njengoba ngishilo, abantu baziphatha sengathi ngeke badingeke beze ekwaHlulelweni.

172 Lababafana namantombazane, babenomndeni othize wamaNdiya, nayo yonke inqwaba yezinto. Ngicabanga ukuthi umfo obizwa ngoMnu. Pool uyinhloko yakho. Futhi uma ngake ngabona imbuqo yesimodeni yamaculo, kwakuyindlela ababekuphatha ngayo; isigejane soRickies simi lapho, bevevezelisa izandla zabo phansi-phezulu.

173 Ngiyithokozele ngempela leyonsizwa lapha kulokhu ukusa, eculile, ibukeka iqotho, njengendoda yangempela. Ngi—ngiyakuthanda lokho. Uma nina—nina bosomabhizinisi ngesinye isikhathi lapha nithola isigejane salaba oRickies abama lapha, futhi sishaya indingilizi futhi simpongoloza, futhi siqhubeka, futhi babambe umoya wabo baze babel'hlaza sibhakabhaka ebusweni; futhi lokho akusikho ukucula, lokho nje kungukwenza inqwaba yomsindo wesayense. *Ukucula* kungu "bumnandi endlebeni obuvela enhliziyweni."

174 Futhi ngacabanga, "Into embi kanje! Into elihlazo elinje! Ngakho kanjani ngaphansi kwegama lenkolo, baziphatha sengathi akekho uNkulunkulu!" Omunye wathi, ngelinye ilanga, kumfana ohamba nendodakazi yami. Umfana ongumKristu wathi, ekunikeza ukuphawula okuhlakaniphile ngoAdamu noEva, wathi, "UEva ehamba edabula ensimini. Wathi, 'Bantwana, niyasibona lesosihlahla lapho na?' Wathi, 'Yilapho umama wenu esidla khona wasikhipha endlini nasekhaya.'" Ungathini nje, efanele ukuba ngumKristu oqinile, obengathatha isithembiso neZwi likaNkulunkulu bese ekuphonsa ehhokweni lezingulube! Baziphathisa okungathi ngeke badingeke beze ekwaHlulelweni. Kodwa uNkulunkulu uyoletha yonke imfihlo ekwaHlulelweni. Baziphathisa okungathi akekho uNkulunkulu.

175 Angifuni ukubabiza ngesiwula, ngoba iBhayibheli lathi . . . isiwula, akulungile. UJesu wathi akulungile. "Ungabizi-muntu ngesiwula." Kodwa emaHubweni 14:1, "Isiwula sithe enhliziyweni yaso, 'Akekho uNkulunkulu.'" Niyabo? Bona,

abasizo. . . angifuni ukubabiza ngeziwula, kodwa baziphathisa okungathi bayizo. Baziphathisa okwaso.

176 Ngakho, niyabona ukuthi sikuphi namhlanje, njengokuthi, "Akekho uNkulunkulu." "Ngingowebandla!" Futhi bona bonke, yonke into, iBhayibheli, yihlaya elikhulu. "Ibandla lethu liyazi lapho beya khona!" Ya, baqonde ngqo esihogweni, impela. Emgwaqeni wabo ngqo, kwehle njalo ngesayense nemfundo, amakholiji esayense yezenkolo nezinto, ubaphephula nje behle ngqo ngomgwaqo. UMoya oNgcwele awunathuba lokunikeza isambulo entweni engelutho; ikholiji selivele linakho kusikwe kwakhishwa.

177 UMoya oNgcwele ngowokusihola; hhayi ikholiji, hhayi ababhishobhi nababoni, kanjalo njalo. UMoya oNgcwele unguMholi wethu.

178 UKayini wayengumuntu onjengalokho. Wayekholwa impela impela. Manje, uma inkolo iyilokho konke ofanele ubenakho, khona-ke uNkulunkulu wayengalungile ngokulahla uKayini. Ngoba, wayengokholwayo, wayengokholwayo nje futhi eqotho njengoba wayenjalo uAbela. Manje khumbulani, wacabanga ngoNkulunkulu, wakhonza uNkulunkulu, wayenebandla, wakha ialtare, wenza umhlatshelo, wakhuleka, wakhonza, kodwa wenqatshwa. Akunandaba ukuthi kanjani. . . UEsawu wayenjalo, futhi. Niyabo?

179 Inkolo, niyabo, lelo yibhizinisi likaSathane; hhayi ukubulala yonk'into, kodwa nje ukuyonakalisa. Yilokho kuphela. Akazukubulala yonke into. O, hhayi amakhomanisi; qhabo, qhabo, umphikikristu akusibo ubukhomanisi. IBhayibheli lathi, "Kuyodukisa abaKhethiweyo uma kungenzeka." Ningaliqapheli ikhethini lensimbi, kodwa elibubende. Ehhe.

180 Kodwa, qaphelani, uKayini ufika ukuzokhonza, kodwa wayenenzalo engalungile kuye, inzalo yenyoka enobuqili. Ukuswibiza kwenyoka enobuqili kwakuswibizele phezu kwakhe, ngokuba wayeyinzalo yowesifazane. Wayeyazi intando kaNkulunkulu ephelele, kodwa wala ukuyenza. Benikwazi lokho na? USathane uyayazi intando kaNkulunkulu, kodwa nje uyala ukuyenza.

181 Qaphelani, wayembonile uNkulunkulu eqinisekisa umlayezo kaAbela. Manje ngifuna nicabange, sebenzisani iHluzo lenu lendoda ecabangayo manje okomzuzu. Umlayezo kaAbela oyiwonawona, uNkulunkulu awuqinisekisa ukuthi uyiQiniso! Niyadweba manje na? Ehhe. Umlayezo kaAbela wawemukeliwe, futhi uKayini wawubona futhi wazi ukuthi uNkulunkulu wayewuqinisekise kahle lowomlayezo. Kodwa nje wayengenakuwenza. Ukuzazisa kwakhe kwamvimbela kuwo. Kunjalo, ukuzazisa kwakhe kwamvimbela ekuwenzeni. Wayebone uNkulunkulu eqinisekisa umlayezo.

182 Ngakho kubonakala kumanje, kul'khuni kakhulu kubantu ukuzithoba eZwini likaNkulunkulu. Bona, abafuni nje ukukwenza. Bayozithoba esivumweni kholo sebandla, impela, kodwa hhayi eZwini likaNkulunkulu.

183 Uma ufuna ukuthola lokhu, yana . . . NginemiBhalo lapha, yilokho engibhekisa kukho lapha. UGenesisi 4:6 ne 7, uNkulunkulu wathi kuKayini, wathi, "Ubuso bakho bunyukumeleleni na? Kungani ugcwele intukuthuthelo yonke, uhamba uzungeza na? Nje uzwe umlayezo okuthukuthelisayo." Wathi, "Awu, ukwenzela ini lokho na? Ubuso bakho bunyukumeleleni, ngoba Angizanga ebandleni lakho na? Ngakho ukwenzeleni na?"

Usebenzisa iHluzo lendoda ecabangayo na? Niyabo?

184 Noma, "Kungani unga . . . Kungani ubukeka kanjalo na?" Wathi, "Uma uzokwenza kahle, hamba wenze njengoba umfowenu enza phandle lapho, Ngizokwemukela futhi ngikubusise. Ngizokwenzela into efanayo." Kodwa nje akakwenzenga. Wathi, "Manje, uma ungakwenzi, isono sokungakholwa silele emnyango."

185 Manje ngenkathi besitshela, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule," bakubona ngokuphelele kakhulu kuqinisekiswa futhi kufakazelwa, niyabo, zonke lezizinto uNkulunkulu athembisa ukuthi Uyozenza ngezinsuku zokugcina, zeSambulo 10 noMalaki 4, zonke lezozinto ziqinisekiswa ngokuphelele kakhulu, yini indaba, bazalwane na? Yini engalungile, niyabo?

186 Uma bengakwenzi; ukungakholwa, okuyisono. Sinye kuphela isono, leso singukuthi, ukungakholwa. Kunjalo. Awulahlwa ngoba uphuza, ubhema, umpilomba, ugqoka izikhindi, wenza noma yini oyenzayo. Qhabo, lokho akukulahli. Kungoba awukholwa. Uma ukholiwe, ngeke ukwenze lokho. Niyabo? Ikholwa alikwenzi lokho. Lithatha iHluzo lendoda ecabangayo, niyabo, niyabo, noma iHluzo lowesifazane ocabangayo, noma omunye. Kulungile. Kodwa, niyabo, isono silele emnyango.

187 Manje qaphelani ukuthi lokho kwenzeni kuKayini, futhi kuzofana namhlanje. Kwenza uKayini ahambe, isoni sangamabomu. Wayengalaleli ngamabomu. Wonke umuntu uyoba indlela efanayo. Ukungalaleli ngamabomu emva kokuba esewubonile umlayezo kaAbela uqinisekiswa kakhulu uNkulunkulu, ukuthi wawuyiqiniso, futhi wala ukuwenza. Kwenziwe into efanayo ngaleyonkathi. Ngakho-ke weqa umugqa ohlukanisayo.

188 Kukhona umugqa eningaweqa. Niyakwazi lokho, anikwazi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, befundisi, kokubili lapha naphandle e—ezweni lotelephoni lapho lokhu ukusakaza kuza esizweni sonke, niyakuqonda lokho na? Uma nibona ukuthi umBhalo, futhi ningeke niwenze, uNkulunkulu angeke njalo . . .

Uyo. . .O, uzoqhubeka, ubusiseke. Kanjalo wayenjalo wonke uIsrayeli, baphila kahle ehlane, futhi bakhulisa abantwana, ukudla okusanhlavu, futhi babusiseka, nakho konke, kodwa "bonke bahlukana Phakade noNkulunkulu." UJesu washo njalo. O, yebo, uNkulunkulu uzokubusisa kuqhubeke njalo, kodwa awusekho. Impela. Yilokho iBhayibheli elikushoyo manje, yilokho Akusho. Qaphelani, ningaweqa umugqa owehlukanisayo. Niyakukholwa lokho na? ["Amen."] UKayini wakwenza.

189 A—asiphenye ngapha nje umzuzu, nginamaHeberu 10:26. Akesibone uma ngingakuthola lokho ngokushesha okukhulu. INcwadi yamaHeberu, isahluko 10 ne. . .Ngiyakholwa, ivesi 26. Nginalo libhaliwe lapha. Umzuzu nje, uma nizongibekezelela, futhi nje asiKufunde umzuzu. Kulungile, nakhu la sikhona.

> *Ngokuba uma sona ngamabomu emva kokuba. . . samukele ukwazi kweqiniso, akusekho umnikelo nge*sono,
>
> *Kepha kuphela ukulindela okwesabekayo ukwahlulelwa nomlilo oshisayo, ozakuqeda* iphikankani.

190 Lokho ngu LISHO KANJE IZWI ELINGCWELE LIKANKULUNKULU. Uma sikholwa ngokungesikho ngamabomu emva kokuba sesiLibonile futhi saLizwa, khona-ke singale komugqa. Akusayikubakhona neze ukuthethelelwa ngalo, niweqile umugqa.

"O," wena uthi, "UNkulunkulu usangibusisa." O, ya.

191 Khumbulani uIsrayeli, imigqa esemnceleni. Ngenkathi uNkulunkulu ebanikeza isithembiso, ngale eZweni eliNgcwele; ezweni, lalilihle, lobisi noju. Futhi ngenkathi uMose ethumela uKalebi noJoshuwa, nezinhloli, ukuya ngale futhi bahlole izwe, futhi babuya nobufakazi obubonakalayo obuqinisekisiwe.

192 Abayishumi babo bathi, "Ngeke sakwenza. Asikwazi. Buka ubunzima lapho. Sizoba zinhlanya. Sinalezizinto ezincanyana ukuba silwe ngazo. Buka ukuthi banani. Thina, ngeke sakwenza. Asikwazi ukukwenza."

193 UJoshuwa noKalebi bathi, "Sinamandla kakhulu ukukwenza! UNkulunkulu wenza isithembiso."

194 Futhi, khumbulani, babuyela emuva. Lokho kwakuse Kadeshi-barineya. Futhi babuyela emuva futhi babangabazulazulayo ehlane. Futhi bonke bafa, futhi ulahleke Phakade. UJesu washo njalo.

195 Ungaweqi lowomugqa ohlukanisayo, niyabo. "Uma ukwazi ukwenza okuhle, futhi ungakwenzi, kuwe kuyisono."

196 UIsrayeli wenza okufanayo. Emva kokuba sebebone uMose eqinisekisiwe, base-ke bemvumela uBalami abafuthe, leyoMbewu eyigugu eqinisekisiwe. Melusi, unga (neze) sho lutho

ngokuphambene naleliZwi. Buka uBalami, wayengumprofethi, futhi ubone iMbewu kaNkulunkulu, iqinisekiswa. Kodwa phansi kwehlelo lakhe uqobo elikhulu ayephila kulo, uMowabi wayesibonile lesosigejane sabazulazulayo siza sidabula ezweni, wasifutha, futhi wathi, "Awu, awume umzuzu. Sonke singamaKristu. Sonke singamakholwa. Ngani, obaba bethu nobaba benu bayafana. Asisibo yini abantwana bakaLoti na? ULoti wayengesuye umshana kaAbrahama na? Asifani sonke na? Asiganane." Futhi uIsrayeli, njengo uEva ensimini yaseEdene, wavumela uSathane amfuthe, wafutha futhi uIsrayeli ngomprofethi wamanga. Ngenkathi, umprofethi wangempela wayenabo, neZwi eleqinisekisiwe. Kodwa ngomqondo wokwazi kwesihlakaniphi, wabafutha. Kucabange. Manje, akuzange kuthethelelwe, isono asizange sithethelelwe.

197 Izimbewu zabolela khona ngqo endleleni yomsebenzi, emgwaqeni oya ezweni elithenjisiwe. Bonke babhubha futhi babola, khona ngqo ebandleni, besemgqeni womsebenzi, belandela uNkulunkulu. Futhi bavumela uSathane afuthe leso sifutho sesihlakaniphi phezu kwabo, owokufunda, umqondo wesihlakaniphi, bethi, "Ngani, sonke siyafana, sonke singabantwana bakaNkulunkulu." Anisibo! Kodwa wavumela lowothisha wamanga lapho abafuthe ngalowomqondo wesihlakaniphi ayenawo ngaKho.

198 Futhi nje njengoba uMkhandlu wenkolo yobuKristu ukwenza khona manje, niyabo, into efanayo, "Ngani, sonke sizohlangana ndawonye enhlanganweni eyodwa enkulu." Yonke inqubo yenhlangano kadeveli. Kuwuphawu lwesilo, eBhayibhelini. Ngizoba nencwadi kukho, masinyane impela, iNkosi ithanda.

199 Qaphelani, ngesikhathi sikaNowa, kubonakala iZwi lakhiwa, ukuba lintante. Manje angenze ukuphawula okuncane lapha, iZwi lihlanganiswa ndawonye ukuba liguqulwe isimo ukusuka emhlabathini kuya ezibhakabhakeni. Kubonakala isakhiwo sento; kodwa ngemiqondo yesihlakaniphi sabo, bahleka umprofethi ngqo, uNowa, ngenkathi wayeprofetha ngesikhathi sokuphela. Kodwa kwenziwa yini . . . Lesosakhiwo senziwa ngeZwi likaNkulunkulu, sigcotshwe ngetiyela ngaphakathi nangaphandle, ngomkhuleko nokukholwa. Ngenkathi izimvula zifika, yonke imiqondo yesihlakaniphi sezinkolo yafa futhi yabolela khona ngqo e . . . khona ngqo emabandleni abo, khona ngqo phezu komhlaba. Nomkhumbi wantanta phezu kwakho konke. Imbewu efuthwe ngokwesayense yabolela khona ngqo ekwahlulelweni.

200 Sizama ukwenzani, empeleni, ngabe sizama ukwakha ibandla lethu noma ngabe sizama ukwakha iZwi likaNkulunkulu na? Sizama ukwenzani na? Sisebenzela kukuphi na? Ngabe sizama ukuthola abantu babuyele emuva kuLokhu

na? Uzama ukwenzani lo Eva omkhulu lapha kulolu izinsuku zokugcina, lelibandla uEva na?

201 Sengizovele ngiyeke masinya, mfowethu, ngoba seku—sekuba leyithi kakhulu. [Umfowethu uthi, "Qhubeka!"—Umhl.] Nginikeni nje eminye futhi imizuzu cishe eyishumi nanhlanu, futhi ngizoyimisa imiBhalo yami—yami lapha. ["Impela, qhubeka."] Ya. Kulungile. Ngiyazi. Awu, abantu mhlampe ufuna ukungena lapha futhi bakline lokhu phezulu. Kodwa nje ngibonakala kunzima kimi ukuba ngiyeke. ["Qhubeka nje." "Awu, akukho kusheshisa."] Ngizosheshisa. Kulungile.

202 Bukani, omkhulu wesayense, wemfundo, uEva obhasteliwe namhlanje, obizwa ngebandla, uzama ukwenzani na? Ngabe uzama ukuphakamisa iZwi likaNkulunkulu, futhi avumele abantu benze ngendlela abenza ngayo na? Abasebenzisi iHluzo lendoda ecabangayo, noma, iHluzo likaNkulunkulu. Bukani ukuthi bavezani. Baziphakamisa bona. Ibandla linjalo, embewini yalo ekhubazekile yohlelo lokwazi, libangele sonke isintu ukuba ngokwesayense singabi nakwazi ngeZwi likaNkulunkulu. Manje ngizozibamba lezoziphawulo, angisezukubambelela kuzo isikhathi eside kakhulu manje, ukuba ngiqede. Ukungabi nakwazi ngokwesayense! Ngenkathi uNkulunkulu, khona lapha emhlabeni, enza izinto Azenzayo, ngeZwi laKhe elithenjisiwe, futhi abaLinaki futhi basuka bahambe ngoba abanakwazi ngokwesayense. Bengenakwazi ngokwesayense!

203 Bengihleka-ke ngenxa kaMfowethu Williams lapha, ubhalile ngapha esiqeshini sephepha, "Ungahlala kukho yonke intambama," into ethize. Kodwa, ngiyakuthokozela lokho, lokho kuhle ngempela. Niyabo?

204 Kodwa abantu bo—bona ngamabomu. Kulethe yo—yonke inqubo yezwe lebandla namhlanje ekoneni ngamabomu ngokumelana noNkulunkulu. Ngani, ukuzihlonipha okujwayelekile kuzofakazisa kuwe ukuthi Lilungile. Kulungile. Iveyili lenkanuko liphuphuthekise amehlo alo, eZwini likaNkulunkulu, futhi lizithola lihamba-ze futhi. Niyazi, uNkulunkulu, eSambulweni 3, wathi, "Woza, uthenge umuthi wokugcoba amehlo kiMi, ukuze amehlo akho avuleke." Niyabo, umuthi wokugcoba amehlo yiZwi laKhe.

205 Niyazi, bathi, "Awu, lendoda yafunda iminyaka engamashumi amane, ukuthola iziqu zayo. Iyi B.L.D, D.D., nakho konke lokhu."

206 Niyazi ukuthi uJesu wathini ngalokho na? Wathi, "Umuntu makazidele." UPawulu wakwenza.

Wena uthi, "Lokho akuchazi lokho."

207 Awu, uPawulu wayekulandelelelani, pho-ke na? Wathi, "Angizi neze kini ngamazwi ayengayo okuhlakanipha komuntu, ngoba benizokwakhela amathemba enu phezu kwalokho. Kodwa

ngiza kini ngamandla nezibonakaliso zikaMoya oNgcwele, ukuze izwi lakho libe . . . ukukholwa kwakho kwakhelwe eZwini likaNkulunkulu, hhayi izibonakaliso zokuhlakanipha."

208 Kubonakala sengathi abantu ulahlekelwe ukuzihlonipha kwabo okujwayelekile nokuzithoba. Abasenjengoba babevamise ukuba njalo. Kwakuvame ukuba, uma umprofethi ethe, "ISHO KANJE INKOSI," abantu bathuthumele. Ya, impela babekwenza. Abantu banyakaze, ngokuba babesaba. Kodwa manje balahle konke ukwesaba kwabo kwaKho. Abamesabi uNkulunkulu.

209 USolomoni wathi, "U—ukwesaba uNkulunkulu kungukuqala kokuhlakanipha," ukuqala kwakho nje.

210 Kodwa umprofethi angakhuluma u ISHO KANJE INKOSI; abantu bathi "umbhedo!" Niyabo, akukho themba ngabo. Kungukuthi, bathi, "Ngani, sismati. Siyisihlakaniphi, asidingi ukuba sithathe lolohlobo lwezinto! Siyazi ukuthi sikhuluma ngani!"

211 Futhi kuyisaga esidala, ukuthi, "Iziwula ziyohamba ngezicathulo ezinesipikili ngaphansi, lapho iziNgelosi zesaba ukunyathela khona." Impela.

212 Manje, yini ukuguqulwa isimo na? (Ngokushesha.) Sikuthola kanjani na? Kwenzani ukuguqulwa isimo na? UNkulunkulu ukwenza ngoMoya weZwi laKhe. Uguqula isimo. Utshala iMbewu yaKhe, uphosa uMoya waKhe kuYo, futhi Iveza umkhiqizo. UMoya waKhe oNgcwele uguqula isimo iZwi-Mbewu phakathi ukuba liqinisekiswe ngohlobo lwayo.

213 Uhlobo lwembewu oyiyo, lolo lukhombisa nje okukuwe. Ungeke ukufihle. Noma yini oyiyo ngaphakathi, ikhombisa ngaphandle. Ungeke nje ukubalekele. Ungeke usenze lesosihlahla noma yini kodwa lokho esiyikho. Niyabo, ku—kuzoba ngaleyondlela. UMoya oNgcwele uguqula isimo izimbewu okungaphakathi kuyo. Akunandaba ukuthi ihlobo luni lwembewu, Uzoyiguqula isimo. Uma iyimbi, izoveza okubi. Uma ingumzenzisi, izoveza umzenzisi. Uma iyiZwi likaNkulunkulu langoqobo, izoveza indodana noma indodakazi yangoqobo kaNkulunkulu, ngeHluzo lendoda ecabangayo. Uma iMbewu iqhuma, yedlula kuLokho, Iveza indodana nendodakazi kaNkulunkulu.

214 Ngelinye ilanga ngenkathi izwe lilele ebumnyameni benxushunxushu, uNkulunkulu . . . Manje lalelisisani, ngoba asizukukhuluma . . . kade kancanyana impela nje. Bukani. Ngelinye ilanga ngenkathi izwe laliphinde laba kuzo zonke izinhlobo zezinkolo, kugezwa izandla, amabhodwe, kugqokwa izingubo ezinde ezihlukene nezigqoko zabesifazane, nokunye nokunye, lalala maphakathi nenxushunxushu yonke. UIsrayeli wangoqobo kaNkulunkulu wayephendukezelwe kakhulu emithethweni nezimiso zikaNkulunkulu, uJesu wathi, "Nina,

ngamasiko enu, nenza iZwi likaNkulunkulu libeyize kubantu, ngamasiko enu." Futhi bukani labobapristi abangcwele, bayababiza; futhi uJesu wathi, "Ningabakayihlo, udeveli, futhi imisebenzi yakhe niyayenza." Niyabo, yilokho impela Akusho.

215 Manje ngenkathi izwe lilele kulolohlobo lokumiswa, uMoya kaNkulunkulu wahamba futhi phezu kweMbewu eyamiselwa ngaphambili. Wahumusha futhi waguqula isimo uIsaya 9:6 wesithembiso saYo; Yena, uNkulunkulu, wenziwa inyama yomuntu, ukusindisa lesosikhathi senxushunxushu. Ngenkathi umuntu enziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu, nakhu kufika uNkulunkulu, ngomprofethi ekubona ngaphambili . . . Manje khumbulani iZwi, umprofethi walibona ngaphambili, umprofethi ofanayo nje obone uSathane kulolu izinsuku zokugcina, niyabo, waloluhlelo lwezemfundo nezinto anazo, uhlelo lwezenkolo. Umprofethi ofanayo, uIsaya 9:6, wathi, "Sizalelwa uMntwana, siphiwa iNdodana; neGama laKhe liyakuthiwa 'UMluleki, INkosi yokuThula, UNkulunkulu onaMandla, UYise ongunaPhakade.' Nokubusa kwaKhe akuyikuphela." NaleloZwi liyiZwi likaNkulunkulu. NoMoya wahamba phezu kwaleloZwi, futhi Labumbeka esizalweni sentombi; iNdoda, "kuzelwe iNdodana," ayidalwanga, "yazalwa."

216 USathane wazama wazama futhi, ukuLifutha. WaMyisa phezulu futhi wathi, "Uma Uyilokhu Othi Uyikho, khona-ke ngenzele okunye kwalokhu kuphilisa lapha. Ngikhombise ukuthi Ungakwenza kanjani. Phendula lokhu, isinkwa, naleli amatshe abe yisinkwa. Ake siKubone uziphosa, ngoba umBhalo uthi Uyokwenza."

217 Niyababona labodeveli bezenkolo namhlanje basalokhu besho leyonto efanayo na? "Uma kukhona into enjengokuphilisa kukaNkulunkulu; nakhu lapha kulele uMfowethu *Sibani-bani*, asikubone umphilisa."

218 Lowodeveli ofanayo wama kuJesu, esiphambanweni, wathi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yehla esiphambanweni."

219 IZwi lathi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. UMoya wafakazisa ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. UIsaya 9:6 wagcwaliseka. Futhi ngobunye ubusuku, abaningi benu ekusakazweni bezwa ukuthi siyinikeza kanjani imiBhalo engamashumi ayisithupha nento, cishe impela, ngiyakholwa, ngokufakazisa ukuthi umBhalo washo ukuthi Lowo kwakunguYe.

220 O, uSathane wazama wazama futhi, wenza konke. Ngobunye ubusuku, elele kwingemuva lomkhumbi, waMbona elele. Futhi wathi, "NgizoMbhubhisa khona manje." Kodwa akakwazanga ukukwenza.

221 Wazama ukuMlinga ekwenzeni into engalungile, kodwa akakwazanga ukukwenza. Ngani na? Wayekade efuthwe

ngokuxosha kokumisela ngaphambili. Ngeke kwadukiswa. Qhabo, qhabo. IZwi lathi Uyoba lapha. Amen. Akukho develi ozoMkhathaza, futhi ayikho enye indodana kaNkulunkulu, emiselwe ngaphambili ukuthatha indawo yayo. Ufuthwa ngokuxoshayo. Uphoyizeni kaSathane, odokotela bamahlelo abaMthinti ngisho nhlobo. Uqhubeka ngqo, akukho lutho oluzoMkhathaza, niyabo. Akubanga namthelela kuYe.

222 "Awu, ngizoKwenza umbhishobhi wawowonke umhlaba. Nginokubusa phezu kwawo. Uma nje Uzongikhonza, woza ujoyine iqembu lami, ngi—ngizoKwenza umbusi. Ngizokwehla, ngidedele Wena uphakame."

223 Wathi, "Buyela emva kwaMi, Sathane. Kulotshiwe, 'Womkhonza uNkulunkulu, iZwi, futhi Yena yedwa womkhonza.'" Khona-ke ngolunye usuku . . .

KuloMuntu omkhulu, ngingathanda ukuhlala lapho isikhashana.

224 Kodwa ngelinye ilanga, uMoya wahamba phezu kwaKhe futhi; ngoba kwakukhona iZwi elithize elalikade lilotshwe ngaYe, livela kuNkulunkulu, ngomprofethi, "Futhi Wayiswa ekuhlatshweni, njengewundlu." NoMoya wahamba phezu kwaKhe, futhi waMhola, futhi waMthumela esiphambanweni saseKalvari. Lapho Wafa. Futhi yonke into eyakhulunywa ngaYe ekufeni kwaKhe, yagcwaliseka, ukuletha ukuKhanya nokuPhila kuyoyonke imbewu kaNkulunku emiselwe ngaphambili eyayiphezu komhlaba. Waletha indlela yokukwenza. *Nansi* iMbewu, uMoya uletha ukuPhila; uguqula isimo amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, esuka ezweni kulenxushunxushu emnyama, angene ekubeni abe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

225 Ningakhubeki kulelogama elithi "ukumiselwa ngaphambili." Ngiyazi niyakhubeka. Kodwa, lalelani, Alisilo izwi lami. Ngelinye lamaZwi kaNkulunkulu. Niyafuna ukukufunda, fundani abaseEfesu 1:5, okungukuthi, "Usimisele ngaphambili ukuba sibenezimo zobuntwana zamadodana ngoJesu Kristu." Niyabo?

226 Nje ake nje ngikuhlaziye nje umzuzu, umzuzu nje, ukuhlaziya lokhu kuphume emqondweni wenu. Bukani. Njengoba nje wawukubaba wakho, ekuqaleni, imbewana yembewu. Benikwazi lokho, nonke na? Wawukumkhulu-kamkhulu-kamkhulu-kamkhulu wakho, futhi, benikwazi lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

227 Fundani iNcwadi yamaHeberu, lapho khona esithola ukuthi uLevi wathela okwezishumi ngenkathi esezinkalweni zikaAbrahama, izizukulwane ezine emva kwakhe. Ngenkathi uAbrahama ethela okwezishumi kuMelkisedeki, kwabalelwa endodaneni engumzukulu-kamzukulu-kamzukulu wakhe

phansi engaphansi kwakhe, futhi wayesokhalweni luka Abrahama ngaleyonkathi. Nakho lapho okhona. Niyabo?

228 Wawusezinkalweni zikababa wakho, kodwa ubaba wakho wayengenakuba noma yiyiphi ianhlanganyelo nawe waze waguqulwa isimo waba semzimbeni wenyama.

229 Indodana yami lapho yayikimi. Nga—nga—ngangifuna indodana, kodwa yayikimi ngaleyonkathi. Niyabo? Yayikimi ngaleyonkathi. Kodwa ngomshado, yaguqulwa isimo ekubeni umuntu njengami, khona-ke iba njengami.

230 Futhi ubanjengabazali bakho, niyabo, ngoba kwakukuwe, okokuqala nje. Manje uma singamadodana kaNkulunkulu, izingxenye zaKhe ezingahlukaniseki . . . Okungukuthi, uyingxenye engahlukaniseki kababa wakho, hhayi umama wakho; ubaba wakho. Imbewana ilele kubaba. Niyabo? Futhi manje umama wakho wayengumshini wokuchamusela okuthwalayo, uthwala imbewu kababa wakho. Niyabo?

231 Futhi umhlaba, enyameni, futhi ungumshini wokuchamusela othwala imbewu kaNkulunkulu. Niyabo, impela nje. Hhayi izwe, ukuthi likhulu kangakanani izwe; kungukuthi uNkulunkulu mkhulu kangakanani owalenza. Niyabo? Niyabo?

232 Manje uma uyindodana nendodakazi kaNkulunkulu, khona-ke wawukuNkulunkulu ekuqaleni. Uyingxenye yaKhe engahlukaniseki. Uma wawungekho lapho ngaleyonkathi, khona-ke awukaze noma awusoze ubekhona.

233 Isizathu, angeke ngithwale, ezinkalweni zami, indodana yalendoda *lapha* noma leyondoda *lapho*, ngingathwala kuphela amadodana ami uqobo, futhi ayothwala ukufana nami. Haleluya. Niyakubona?

234 Amadodana namadodakazi yayikuNkulunkulu ekuqaleni. Manje bukani. UnokuPhila okuPhakade, usho njalo. Siyakukholwa, ukuthi sinokuPhila okuPhakade. Awu, sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, naleso nguNkulunkulu. Yileyonto kuphela ePhakade, nguNkulunkulu. Khona-ke uma unokuPhila okuPhakade, lokho kuPhila okukuwe kwakulokhu kukhona njalo, futhi wena wawusezinkalweni zikaNkulunkulu ngaphambi kokuba kubekhona ngisho izwe. Futhi ngenkathi iZwi qobo lwaLo . . . UJesu qobo lwaKhe ubizwa ngeZwi, futhi kuJohane oNgcwele 1, kwathi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi wenziwa inyama wakha phakathi kwethu." Khona-ke wawusezinkalweni zikaJesu, futhi waya eKalvari kanye naYe. Wafa kanye naYe, futhi wavuka kanye naYe. Futhi namhlanje sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuYe, sigcwaliswe ngoMoya waKhe, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Afa kanye naYe, avuka kanye naYe. Impela.

235 Manje-ke, manje, manje ungahlanganyela kanye naYe. Wawungeke emuva lapho, ngoba nje wawuyiZwi kuYe,

imbewu. Kodwa manje Usekubonakalisile, futhi manje Ufuna uhlanganyele kanye naYe. Khona-ke Wehla, wenziwa inyama ukuze Ezohlanganyela ngokuphelele kanye nawe. Niyayibona inhlanganyelo ephelele na? O, he, lezozimfihlakalo ezijulile zikaNkulunkulu! Umangalisa kangaka! Niyabo, uNkulunkulu wayengenakuhlanganyela eMoyeni, ngakho uNkulunkulu wabangumuntu kanye nathi.

236 UJesu Kristu wayenguNkulunkulu qobo lwaKhe, ebonakalisiwe, ngoba, WayeyiNdodana ngoba Wazalwa, kodwa nje kwakuyitaberanekele laKhe ukuhlala kulo. "Akukho muntu oke wabona uNkulunkulu nanini, kodwa Ozelwe yedwa kaBaba uMbonakalisile." UNkulunkulu Wazakhela indlu, umzimba ukuhlala kuwo, uyehla ukuze ukwazi ukuMthinta. UThimothewu wokuQala 3:16, "Kuvunyiwe, inkulu imfihlakalo yokukhonza; ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, wabonwa yiziNgelosi, wakholeka, wemukelwa phezulu eZulwini." Niyabo? Manje U . . .

237 Wena uyinyama, naYe eyinyama, khona-ke ninganhlanganyela manje, ngoba Wayeyingxenye kaNkulunkulu engahlukaniseki yothando. UNkulunkulu uluthando. Kunjalo na? NoJesu wayeyingxenye kaNkulunkulu engahlukaniseki yothando. Futhi ngenkathi ingxenye engahlukaniseki yothando ivezwa obala, okungukuthi, lowo kwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe; zonke izingxenye ezingahlukaniseki ezalenga kuYe, ziza kuYe, "Konke uBaba aNgiphe khona, kuyoza kiMi." Impela, babefanele bamiselwe ngaphambili. Uma kwakungenjalo, awusoze waba lapho. Yilokho kuphela. Impela.

238 Manje singahlanganyela, kwakunge—ngezingcebo zeZwi laKhe, futhi kulo eniyingxenye yalo. Uyingxenye yeZwi; ngoba WayeyiZwi ekuqaleni, uyiZwi manje. Niyabo? Ngiyashumayela kulobubusuku, noma ngeSonto noma ngolunye lwezinsuku uma ngingena, ngokuthi iZwi liyini, niyabo. Futhi manje uyingxenye yeZwi.

239 Lalelani. Yinye into engingeke ngayenza. Angeke ngaqhosha ngokhokho bami. Qhabo, ngifika ngamahlaphahlapha esabisayo. Ubaba wami wayengumIrishi. Umama wami wayeyiNdiya elingunkosikazi womuntu waseMelika, iNdiya ingxenye; umama wakhe wayeyiNdiya, ehola impesheni. Manje, bonke, izidakwa, cishe impela bonke bafa begqoke izicathulo zabo, belwa, abalwa ngezibhamu, kanjalo njalo. Angeke ngaqhosha ngalutho ngalokho, ngoba okhokho bami nozalo lomndeni wakithi luyesabisa.

240 Kodwa, mfowethu, yinye into engingaqhosha ngayo, ngingaqhosha ngeNkosi yami uJesu Ongihlengile. Futhi ngamandla aKhe aguqula isimo watshala imbewu, ngokumiselwa ngaphambili, futhi ngaKubona. Ngiyindodana kabani manje na? Ya. Ngingaqhosha ngaYe. Futhi ngichithe

iminyaka engamashumi amathathu-nantathu yempilo yami, ngiqhosha ngaYe. Uma Ebengangibeka eminye iminyaka engamashumi amathathu-nantathu, ngiyozama ukuqhosha kakhulu ngaYe. Niyabo? Ngingaqhosha ngoKhokho wami, haleluya, Owangihlengayo futhi watshala imbewu yokuPhila phakathi *lapha*, futhi wangivumela ngibuke phansi phezu kwaleliZwi, wathumela uMoya waKhe phansi futhi wathi, "NaKhu. Khuluma *lokhu*, futhi kuzokwenzeka. Yenza *lokho*." Futhi o, he, ngingaqhosha ngaYe! Wakwenza kanjani na? Ngesigezo samanzi ngeZwi, amanzi okwehlukanisa. Ngifisa sengathi besingakuchaza.

241 Amakholwa angeqiniso amiselwe ngaphambili ayohlala neZwi ngoba ayingxenye yaleloZwi.

242 O, zinkanyezi ezizulazulayo, niyozulazula kuze kubenini na? Nina maMethodisti, maBaptisti, Presbyterian, abangaphandle, noma yini eningaba yiyo, izinkanyezi ezizulazulayo, kusuka ebandleni kuya ebandleni, kusuka ensikeni kuya endaweni, netelevishini kuya kutelevishini, izwe kuya ezweni, yini ungezi na? Ulangazelela ukuba nenhlanganyelo kanye nawe. Ukulangazelele. Ufuna ukukuguqula isimo ngokwenza ibeyintsha ingqondo yakho, hhayi ebandleni noma ehlelweni, kodwa eZwini laKhe, okungukuthi, uyingxenye uma lesosifiso sikuwe.

> *Babusisiwe* labo *abalambele bomele ukulunga: ngokuba bayakusuthiswa.* (Niyabo? Ehhe.)

243 Futhi kuthumele amandla aKhe aguqula isimo, ukunikhipha kulokhu ukukhubazeka kwenkolo enikuyo. Kulenxushunxushu yokukhubazeka esikuyo, uNkulunkulu uthumele amandla aKhe aguqula isimo, iZwi laKhe, liqinisekiswa, lifakaziswa, ukunikhipha kulokhu ukukhubazeka kwenkolo kokungazi enihamba kukho, "nihamba-ze, niphuphuthekile, ningabokuhawukelwa, futhi kanazi." Kucabangeni, bangani.

244 Niyazi, uNkulunkulu wathumela amandla aKhe aguqula isimo ukugcwalisa iZwi laKhe, futhi washintsha wonke umzimba kaSara noAbrahama. Waguqula isimo ikhehla nesalukazi, ngoba Wethembisa ukuthi Wayezokwenza.

245 Futhi uNkulunkulu athembisa ukukwenza, lokho Uzokwenza. Akukho lutho, noma yini . . . Noma yiyiphi into ephendukezelwe, uNkulunkulu angeke enza lutho ngayo. Kodwa Uyoligcina iZwi laKhe, futhi Uyothumela uMoya waKhe! "Mina iNkosi ngiLitshalile. NgiyoLinisela imini nobusuku, funa abanye balihlwithe ezandleni zaMi." IBhayibheli lisho lokho.

246 O, zinkanyezi ezizulazulayo, wena onesifiso enhliziyweni yakho! Nifanele nibe naso, kungenjalo beningeke nihlale lapha kulokhu ukusa. Futhi beningeke nibe kulawo mabandla

namahholo, nezinto enikuzo, ngaphandle nasezweni lonke, uma Into ethize inganifakanga lapho. Omunye umuntu okhulume kini. Ningabe nisaqhubeka. Kukhona isigezo samanzi ngeZwi, esiyonenza nibe mhlophe njengeqhwa. O, madodana kaNkulunkulu, lalelani! Ningahlali kulokho kukhubazeka. Phumani kukho. UAbrahama wamkholwa uNkulunkulu, futhi wabiza noma yikuphi okuphambene . . .

247 Wena uthi, "Ngingaziphilisa kanjani na? Ngingakwenza kanjani *lokhu* na?" Lokho ngumsebenzi kaNkulunkulu. "Ngingakwenza kanjani na? Engihlanganyela nabo bazongala."

248 UNkulunkulu wathi, "Oyoshiya ubaba wakhe uqobo, umama, unkosikazi, umkhwenyana, amakhaya, izindlu; Ngiyobanika amakhaya nezindlu, Ngiyobanika obaba nomama, nabafowabo nodadewabo, kulelizwe, nokuPhila okuPhakade ezweni elizayo." Yisithembiso, mngani. Lokho, o, lokho kuzofanele kuniselwe! Sonke isithembiso uNkulunkulu asenzayo siyafezeka. Yonke iMbewu kaNkulunkulu iyisithembiso.

249 Futhi, dadewethu, yekela ukuphungula lezozinwele, ngoba kuyinto engavamile phambi kukaNkulunkulu. Yekela ukugqoka lezozingubo zokugqoka, kuyisinengiso kuYe!

250 Nina bafowethu, nina madoda, yekani ukulungisela ukudla lamahlelo, ekwenzeni izinto, futhi nivumela amakhosikazi enu enze izinto ezinjalo. Akuwafanele amaKristu.

251 Buyela eZwini! Thatha leloZwi, Lizokhula. Lifanele likhule. Amandla kaNkulunkulu aguqula isimo aLikhuphulela endaweni yokuqala, Usendleleni yaKhe nje ebuyela emuva, eLibuyisela emuva futhi manje. Ubuyela emuva ngqo futhi ukuya lapho elalikhona.

252 UEnoke wathatshathwa, ukusuka ekufeni, ngamandla kaNkulunkulu aguqula isimo. UNkulunkulu wakwenzela ini lokho na? Okomfanekiso weBandla elihlwithwayo okuzayo. Ya. UElija wayengofanayo.

253 Umzimba kaJesu waphiliswa emva kokuba wawusufile. Futhi ethuneni, umzimba kaJesu waphiliswa ngeZwi likaNkulunkulu; futhi waguqulwa isimo, ukusuka kofile, umfanekiso obandayo, kuya kovusiwe, iNdodana kaNkulunkulu ekhazimulisiwe. Ngoba umprofethi, amaHubo 16:10, uma nifuna ukukubhala phansi, 16:10, wathi, "Angiyikushiya umphefumulo waKhe endaweni yabafileyo, Angiyikuvuma ONgcwele waMi abone ukubola." O Nkulunkulu!

254 LeloZwi lizofanele lifezeke, LiyiZwi likaNkulunkulu! Litshale enhliziyweni yakho, uma ufuna ukuya oHlwithweni. Uma nifuna ukuba ngamaKristu angoqobo, bekani leliZwi. Njengoba ngikholwa ukuthi kwakunguHezekeli, uNkulunkulu wathi, "Thatha lowombhalo ogoqwayo futhi uwudle uwuqede," ukuthi umprofethi neZwi babezofana. Futhi sonke isithembiso

phakathi lapho sizofanele sizibonakalise sona, ngoba siyiMbewu kaNkulunkulu yasekuqaleni. Ningamvumeli usiyazi othile wezenkolo ofundile phandle lapha azame ukuLimpompa liphume kini. Ningamvumeli anifuthe ngaleyosayanse yenyama nokwazi, nemfundo. Kholwani uNkulunkulu!

255 UAbrahama akathathanga ucwaningo lwesayense yosuku lwakhe, athi, "Sengimdala kakhulu ukuba ngibe nengane, sengihambe kude kakhulu. Ngenze *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*." Kodwa wabiza noma yiyiphi into eyayiphambene, neZwi likaNkulunkulu, ngokungathi yayingaphambene. Futhi akasingabazanga isithembiso sikaNkulunkulu, ngokungakholwa; kodwa waqina, edumisa uNkulunkulu. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukwenza Ayekwethembisile.

256 O, amadodana azulazulayo, ekhubazwe yizintandela zalomhlaba! Odadewethu abazulazulayo, ukuthi izindawo nezimfashini zalelizwe kunidonsile! Futhi, dade othandekayo, ungangithatha njengongahlakahlile ekhanda omdala, kodwa ngolunye lwalezizinsuku uma uhlangana nalokho uFlorence Shakarian ahlangana nakho ngokunye ukuhlwa; wahlala kulendlu, naye, kulendawo, njengoba nazi. Uma uhlangana nalokho, uyothola ukuthi, hhayi mina, kodwa leliZwi liqinisile. Dedani kulezozitolo zokugunda izinwele, lezozitolo zemfashini. Dedani kulezozinto.

257 Uthi, "Awubafundisi ngani izinto ezinkulu, ukuthi uba kanjani yi *lokhu* na?" Nje qala ngo ABC bakho, bese kuthi-ke sizoza kongwaqa. Niyabo? Nje qalani nifunde, "okungukukhonza kwenu kokuqonda."

> *Ngakho ngiyanincenga, bazalwane, ngobubele bukaNkulunkulu, ukuba ninikele* umzimba *yenu ibe-ngumnikelo ophilileyo, ongcwele,* futhi *othandekayo kuNkulunkulu, kubengukukhonza kwenu kokuqonda.*

258 Nje yenzani "okungukukhonza kwenu kokuqonda," uNkulunkulu uzokunakekela konke okusele kwakho; niyabo, ukuqonda izinto nje ongaziqonda wena uqobo futhi uzenze. Akusikho yini . . . Akusikho yini ukungaqondi kowesifazane ukuzihhundula, futhi aphume phandle lapha futhi aziphathe kanjalo, libe iBhayibheli likugxeka na? Akusikho yini ukungaqondi kowesilisa ukuba aziphonse embhedeshweni onjalo njengoba sinawo namhlanje, nazozonke lezizinto lapha, nazozonke lezizinto zasekholiji, nezinto ezinjalo, kube ngokoqobo kuphambene neZwi likaNkulunkulu na? Niyabo?

259 Izindebe likaIsaya, wayengumuntu nje ojwayelekile ozindebe ezingcolile. Wathi, "Nkosi, ngiphakathi kwabantu abangcolile, futhi nginezindebe ezingcolile. Maye kimi ngoba ngibonile uNkulunkulu." NeNgelosi iyehla, inoMlilo, uMlilo oNgcwele usuke ealtare likaNkulunkulu, futhi waguqula isimo

izindebe zakhe; ukusuka ezindebeni zomuntu ozulazulayo, kuya ezindebeni zomprofethi ezino ISHO KANJE INKOSI. Amandla kaNkulunkulu aguqula isimo!

260 Ikhulu namashumi amabili labadobi, na—nabadayisi abadadlana bokokububende, kwabesifazane, nalabo abazihlanganisa ekamelweni eliphezulu futhi bavala iminyango, abanye babo bengenamfundo eyenele ukusayina amagama abo uqobo. UNkulunkulu wabaguqula isimo besuka ekubeni ngabadobi, kuya ekubeni ngabadobi babantu; ukusuka ekubeni abesilisa nabesifazane estradini, kuya ekubeni abangcwele bakaNkulunkulu, abangafi. AMandla kaNkulunkulu aguqula isimo!

261 UPawulu, ilunga lebandla lendawo, iPresbyterian, iMethodisti, iBaptisti, iPentecostal, noma into ethize; wehla ngestradi, nomoya wakhe omkhulu oshaya indiva kuye, ukuthi wayazi kakhulu kunoma yimuphi wabo. Wayekhule phansi kukaGamaliyeli, omunye wothisha ababedlula bonke owayekhona ezweni. Kwenzekani endleleni yakhe eya ezansi eDamaseku, uthola isigejane sabantu esasikholwa yiZwi likaNkulunkulu na? Endleleni yakhe ezansi lapho, washaywa phansi, futhi wezwa uMlayezo. Futhi Wamguqula isimo ukusuka ekubeni yilunga lebandla nomsonti; kuya ekubeni ngumprofethi kaNkulunkulu, owaloba iZwi likaNkulunkulu, eTestamenteni eliSha. Ukusuka ekubeni yilunga lebandla kuya ekubeni ngongcwele!

262 O, nkanyezi ezulazulayo, asime. Ndodana ezulazulayo, Mbewu ezulazulayo esuka endaweni iye endaweni, kulokhu ukukhubazeka; jikani, kulokhu ukusa, bantwana. Ngicela ningizwe njengo—njengomuntu ozama ukuma phakathi kwabaphilayo nabafileyo.

263 Kuphumele ngale ezweni lapho ukusakaza kuza khona uma nisaxhumekile, wena ozulazule endaweni, ngiyacela hlala nje kade ngomzuzu. Ngiyazi sekuleyithi lapha eTuscon noma, ngiyaxolisa, ePhoenix, sekuyimizuzu engamashumi amabili kushaye eleshumi nambili. Futhi ngibe nalababantu lapha konke ukusa. Nginisusile emsebenzini wenu nezinto. Kodwa buka, mngani othandekayo, ungahle uqhelelane noNkulunkulu ingunaphakade. Ngiyacela buya kulokhu ukusa. Ungebuye na? Kukhona indawo eMthonjeni.

> Emkhombeni kudala, ngiyazi kunjalo impela,
> INgane yazalwa ukusindisa abantu esonweni sabo.
> UJohane waMbona ogwini, iWundlu njalonjalo,
> O, Kristu, Obethelwe waseKalvari.

O, ngiyamthanda lowoMuntu waseGalile, waseGalile,
Ngokuba Ungenzele okukhulu kakhulu.
Uthethelele zonke izono zami, wabeka uMoya oNgcwele ngaphakathi;
O, ngiyathanda, ngiyamthanda lowoMuntu waseGalile.

Umthelisi waya kokhuleka ethempelini lapho ngelinye ilanga,
Wamemeza, "O Nkosi, ngihawukele!"
Wathethelelwa sonke isono, nokuthula okujulile kwabekwa ngaphakathi;
Wathi, "Wozani nibone loMuntu waseGalile." Kunjalo.

Unyonga lwenziwa lwahamba, isithulu senziwa sakhuluma,
Amandla akhulunywa ngothando phezu kolwandle;
Impumputhe yenziwa yabona, ngiyazi kwakungaba kuphela
Isihawu salowoMuntu waseGalile.

264 Fanekisa lokho nenkonzo namhlanje.

Owesifazene emthonjeni, Yena zonke izono zakhe wamtshela,
Ukuthi wayenawo kanjani amadoda ayisihlanu ngalesosikhathi.
Wathethelelwa sonke isono, nokuthula okujulile kwabekwa ngaphakathi;
Wamemeza, "Wozani nibone loMuntu waseGalile!"

265 Sifazane, Angenza okufanayo. Uyifundile inhliziyo yakho kulokhu ukusa. Silisa, Uyifundile inhliziyo yakho. O, mthelisi, asikhuleke!

O, ngiyamthanda lowoMuntu waseGalile, waseGalile,
Ngokuba Ungenzele okukhulu kakhulu.
Uthethelele zonke izono zami, wabeka uMoya oNgcwele ngaphakathi;
O, ngiyathanda, ngiyamthanda lowoMuntu waseGalile.

266 UngeMthande, kanye nami, kulokhu kusa na? O, esiphiyazayo, soni esizulazulayo, lapha noma phandle lapho ongahle ubekhona, ungayemukela iNkosi yami kulokhu ukusa na? IyiZwi, futhi iZwi lilethiwe kini. NingeMamukele kulokhu ukusa na? Ningaziphakamisa nje izandla zenu noma nime ngezinyawo zenu, noma into ethize, futhi ukhuleke, uthi, "Ngifuna ukuMamukela khona manje. Mfowethu,

ngiyavuma. Ngifuna khona manje ukuMemukela." Ungama ngezinyawo zakho, noma ubani obefuna ukukhulekelwa, futhi athi, "Ngi..." akhulekelwe, njalo, "Ngiyisoni. Ngifuna..." UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Omunye futhi na? Wonke umuntu khulekani manje, umzuzu nje.

O, kulowomkhombe kudala, (kwakusenxushunxushwini, niyazi, izwe lalinjalo), futhi ngiyazi kunjalo impela,
INgane encane yazalwa ukusindisa abantu ezonweni zabo.
Ngenkathi uJohane eMbona ogwini, WayeyileloWundlu njalonjalo, (Ofanayo namhlanje)
O, UnguKristu, Obethelwe waseKalvari.

267 NingeMthande namhlanje ngayo yonke inhliziyo yenu, ukuze nizohamba niphume kulesisimo sezwe enihlezi kuso na? Nina besefazane, nina besilisa, o, nihlalele ini lapha sonke lesisikhathi na? Kuyakhombisa ukuthi kukhona into ethize phansi kuwe, kunento ethize lapho elambayo neyomayo. Beningeke nihlale lapha lamahora amabili noma amathathu, nihlezi kulesisakhiwo kanje; ikhona into ethize. Ningeyinake nje namhlanje na? Makuthi izimfashini nesayense, nazozonke izinto zezwe, kwedlule emqondweni wenu khona manje, mfowethu othandekayo noma dadewethu othandekayo.

Amabandla ayahlangana, izizwe ezinkulu ziyehlukana, uIsrayeli usephapheme,
Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo;
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo;
"Buyani, O bahlakazekile, niye kwabakini."

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ngukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, lungisani nihlanze izibani zenu,
Bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu sekuseduze!

Abaprofethi bamanga baqamba amanga, iQiniso likaNkulunkulu bayaliphika,
Ukuthi uJesu uKristu unguNkulunkulu wethu.

268 Manje, lokho kuqinisile. Niyakwazi lokho, sonke, usuku esiluphilayo.

Kodwa Wathi kuyakuba ngukuKhanya cishe ngesikhathi sokuhlwa,
Indlela eya eNkazimulweni impela niyoyifumana.

269 Yilolosuku esiphila kulo khona manje. UkuKhanya kuyokhanya kusihlwa nje lapho ubumnyama bungena, isikhathi sokuhwelela, inkanyezi yokuhlwa.

Ukuhwelela nenkanyezi yokuhlwa,
Futhi emva kwalokho ukuba mnyama!
Kwangathi kungebekhona kudabuka kokuvalelisa,
Uma sengingena emkhunjini okokugcina;

Ngokuba konke okungaphandle ngumkhawuko wesikhathi nomkhathi,
Nezikhukhula zingangithwala ngiye kude,
Kodwa ngifuna ukubona uMkhaphi wami ubuso nobuso
Uma sengeqe umgoqo.

Ungangitsheli, ngezibalo ezililayo,
Ukuthi ukuphila kuyiphupho elingenalutho nje!
Nomphefumulo ungukufa okulalayo,
Nezinto azisikho lokho ezibonakala ziyikho.

Ya, ukuphila kuyikho ngempela! Futhi ukuphila kuyisiqiniseko!
Futhi ithuna alisiwo umgomo wakho;
Ngokuba uluthuli, ubuyela othulini,
Kwakungakhulunywa ngomphefumulo.

Izimpilo zabantu abakhulu zonke ziyasikhumbuza,
Futhi singakwenza ukuphila kwethu kuphakame kakhulu,
Futhi, ukwehlukana, sikushiya emva kwethu,
Amanyathelo ezihlabathini zesikhathi;

Amanyathelo, ukuthi mhlampe omunye,
Sisantweza phezu kolwandle olukhulu lwempilo olunesizotha,
Umfowethu obhungukile nophihlizeke okomkhumbi,
Ekuboneni, uyothinteka futhi.

Asisukume, ke, futhi senza,
Ngenhliziyo nganoma yikuphi ukuphikisana;
Ungafani neziyizithulu, izinkomo eziqhutshwayo!
Yiba yiqhawe embangweni!

270 Nkulunkulu othandekayo, bangabaKho. Ngibone amadoda amabili ema ngezinyawo zawo, Baba. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzowathatha manje. Afuna ukuba ngamadodana aKho. Avukile ekungazini kokuphila akuphilile, futhi manje afuna ukuba kabusha, busha, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele phezu kwaleyoMbewu

etshalwe ezinhliziyweni zawo ngalolusuku. Nkulunkulu oPhakade, Mdali wezinto zonke, Owenza iZwi laKho, futhi ngikholwa ukuthi Ubuwazi ukuthi lamadoda abezokwenza lokhu kulokhu ukusa. Ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzonisela leloZwi, imini nobusuku, futhi ungavumeli neze uSathane akuhlwithe ezandleni zaKho. Kwangathi kungaba yisihlahla okuyothi ngezinye izikhathi, eParadisi likaNkulunkulu, uma konke sekubuyiselwa emuva futhi, ngokuba iZwi laKho lingehluleke, liyobakhona futhi. Ngokuba lelizwe . . .

271 Futhi akuyikuba yiloluhlobo lwempucuko ezweni elizayo. Aziyikubakhona izimoto noma lutho lokho isayense eke yakwenza. Aziyikubakhona izinto ezinje ezweni elizayo. Kodwa kuyoba ngumfanekiso kaNkulunkulu uQobo wempucuko Ayoyimisa ekubuseni okuyinkazimulo. Ngokuba, kulempucuko kukhona ukugula, ukufa, usizi, amathuna, nokuswela. Kodwa kulowoMbuso ozayo, akukho kufa, akukho sizi, akukho kugula, akukho kuguga. O Nkulunkulu, kuyoba kusha konke lapho, empucukweni yaKho.

272 Nkulunkulu, siguqule isimo namhlanje, ngamandla aKho, ngokwenziwa ibentsha ingqondo yethu, ukuphenduka ezintweni eziyimisuka emincane yalelizwe manje, siye eZwini likaNkulunkulu. Futhi kwangathi singenziwa busha ngamandla kaNkulunkulu aguqula isimo phezu kweMbewu esenhliziyweni yethu, ukuthi siyakholwa, siye ekubeni yizidalwa ezibizwa ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Lona ngumkhuleko wami kuWe, Baba, ngabantu, eGameni likaJesu. Amen.

273 Manje kinina ophandle ekusakazweni, noma ngabe nikuphi, ngifuna nemukele uKristu phandle lapho, njengoMsindisi wenu oqondene nani, futhi nigcwaliswe ngoMoya waKhe. AmaZwi elishiwo kulokhu ukusa, kwangathi angaqathakela enhliziyweni yenu. Futhi kwangathi lapho ningemukela uJesu. Futhi nibhekisise impilo yenu, futhi nibone ukuthi niphilani kamuva. Futhi nithathe iHluzo lendoda ecabangayo lapha. Uzibona wena wenza into ethize ephambene naleliZwi, suka kuyo, ngokukhulu ukushesha. Niyabo? Ngoba, kuneHluzo eligcina ukufa kusukile kini, lelo yiZwi likaNkulunkulu. AmaZwi aKhe angukuPhila, futhi ayokugcina usuke ekufeni.

274 Nina bantu lapha manje osehholo, ngibenani lapha isikhathi eside. Ngiyanibonga ngokwethamela kwenu. Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu akasoze avumele leMbewu ife. Ngiyethemba anicabangi ukuthi ngimi lapha ukuba nje ngisho lezizinto ukuba ngehluke. Ngikusho ngenxa yothando; futhi ngazi ukuthi kusengesikhathi ngisengofayo, njengoba nginjalo manje, yisona sikhathi kuphela engiyoke ngikwazi ukushumayela ngaso kubantu. Futhi ngiyamthanda uJesu Kristu. UnguMsindisi wami. Futhi khumbulani, bengiyoba phandle lapho estradini ukuba bekukade kungengaYe.

Bengiyoba phandle lapho; bonke abazali bami, bonke abantu bakithi, babeyizoni. Kodwa uNkulunkulu, ngamandla aKhe aguqula isimo, ngiyazi kwenze isidalwa esihlukile ngami. Futhi nginga—ngingawancoma kini, ukuthi mahle. Futhi ayogcinana emahoreni enkathazo. Ngisho nasekufeni, emnyango, awunakwesaba. "Akukho lutho olungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu, olukuKristu." Kwangathi uNkulunkulu anganibusisa ngamunye, futhi aniphe ukuPhila okuPhakade.

275 Bangaki phakathi lapha ongenayo iMbewu kaNkulunkulu, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Ungasiphakamisa nje isandla sakho, uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, ukuthi ngizomukela lowoMoya oNgcwele." Manje thatha iZwi ulifake enhliziyweni yakho—yakho, futhi uLikholwe. Manje uma u. . . Ungazibuka. Wenyuke futhi ubuke esibukweni, futhi ungabona lapho okhona. Niyabo, ungazi.

276 Wena uthi, "Awu, angisiphakamisanga isandla sami, ngoba ngikholwa ukuthi nginawo."

277 Zibuke esibukweni, khona-ke uyabona ukuthi hlobo luni lomoya olukudukisayo, niyabo. Ukucabanga okudukisiwe! "Kukhona indlela ebukeka iyinhle kumuntu, kodwa ukuphela kwayo kuyizindlela zokufa." Kuqinisile lokho na?

> Ezansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami wafa khona,
> Ezansi lapho ngakhalela ukuhlanzwa esonweni;
> O, lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
> Udumo. . .

278 Valani amehlo enu nje, umzuzu manje, futhi nje Mculeleni lelo. Asiphakamise izandla zethu nje.

> Udumo eGameni laKhe, iGama laKhe eliyigugu!
> Udumo eGameni laKhe!
> Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
> Udumo kwelaKhe. . .

279 Ngifuna nina maKristu nixhawulane, osindisiwe.

> Ngisindiswe ngokumangalisayo kakhulu esonweni,
> UJesu uhlala kamnandi kakhulu ngaphakathi,
> Lapho esiphambanweni lapho Angifaka khona;
> Udumo eGameni laKhe!

Udumo eGameni laKhe, iGama eliyigugu!
Udumo eGameni laKhe!
O, lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

280 IGazi linembewana yokuPhila kuLo, niyazi. Lokhu kukulabo ongaMaziyo.

O, woza kuloMthombo ocebe kakhulu futhi omnandi;
Phosa umphefumulo wakho ohluphekile ezinyaweni zoMsindisi;
O, bhukuda namhlanje, futhi upheleliswe;
Udumo eGameni laKhe!

O, udumo e. . .

Asikhothamise amakhanda ethu manje njengoba silicula.

Udumo eGameni laKhe!
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

281 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UPawulu wathi, "Ngiyohlabelela eMoyeni. Ngiyokhonza ngiseMoyeni." Asiliculele phansi ngempela futhi, nezandla zethu ziphakeme.

282 Niyazi, inkathazo yakho, thina bantu bePentecostal, silahlekelwe yinjabulo yethu, silahlekelwe amadlingozi ethu. Njengoba uBilly Graham asho ngobunye ubusuku, "Labo bashumayeli, okhololo ababhekiswe emuva, behlela eNingizimu, beshaya ihlombe, futhi beshaya phansi-phezulu ngezinyawo zabo phansi, futhi begxobagxoba, babenento ethize ababeyijabulela." Awu, ya, ngineNto ethize engijabule ngayo. Niyabo? Niyabo? Ya. Ya, silahle amadlingozi ethu.

283 Manje asiphakamise izandla zethu nje. Ungakhathazeki ngezinyembezi, angeke zilimaze lutho, niyabo. Lokho akulimazi. "Lowo ophuma etshala, ngezinyembezi, ngokungangabazi uyobuya futhi, eletha izinyanda eziyigugu." Kulungile.

Udumo eGameni laKhe, iGama eliyigugu!
Udumo eGameni laKhe!
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

Udumo kwelaKhe. . .(O Nkulunkulu! Akadunyiswe uNkulunkulu!)
Udumo eGameni laKhe!

Cwilisa iMbewu, Nkosi, enhliziyweni!

Enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

*AMandla kaNkulunkulu OkuGuqula isimo* ZUL65-0911
(God's Power To Transform)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo ekuseni, ngoSeptemba 11, 1965, wokudla kwasekuseni kweFull Gospel Businessmen's Fellowship International eRamada Inn ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

